# *Isibotho, Isikhonyane, Inkumbi, Inkasa*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiqaphelile bebelokhu bewuhambisa umbobho omncane, noma ivolumu. Niyangizwa kahle na? Kulungile. I . . . Ngiyabonga.

Ukuphazamiseka okuncane, emizuzwini embalwa nje edlule, beku, umfowethu upake imoto yakhe endaweni engafanele phandle lapha, nabantu, ngiyacabanga, bebefuna ayisuse. Bekuyilokho. Futhi yena . . .

[UMfowethu Gene Goad ukhuluma noMfowethu Branham mayelana nemibhobho—Umhl.] Lona phezulu *lapha* na? Kanjani uma ngicisha lona na? Ningizwa kahle na? Ngi . . . Leso isisho saseKentucky, "Besikhonkotha esihlahleni okungesiso." Bengibuka *kulo*mbobho, futhi *lona* kufanele kube yiwo. Kulungile. Ngiyabonga, Mfowethu Gene. Manje, namhlanje, ku . . .

2 Siyajabula ukubika ngomhlangano e—eMiddletown, e-Ohio, ngeviki eledlule, noma iviki lakuthangi, yilo, manje. Leso bekuyisikhathi esihle kunazo zonke kithina. Sibe . . . O, amabandla belingelikhulu kangako. Kodwa bekungaphandle ezweni endaweni abayibiza ngokuthi iChatauqua, phandle le, amamayela ayisishiyagalombili noma ayisishiyagalolunye ngaphandle kwedolobha. Kodwa u—ukuhlala bekugcwele phama, futhi imumathe abantu abayizinkulungwane ezimbalwa. Angikho kakhulu ekulinganiseni izixuku. Futhi ngakho-ke into esemqoka, bekungukuthi, uJesu uhlangane nathi, futhi yileyo ingxenye enhle. Futhi kulethe imiphumela emikhulu, kuYe esimnikeza udumo, iNkosi uNkulunkulu, ngokusenzela lokhu.

3 Futhi bekukhona abanye babantu abahle ukubedlula bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami, kulelozwe. Futhi ngokuthi sisondele kakhulu emngceleni lapha, ngingahle ngisho lokhu, bebengamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abaseKentucky. Yonke into phezulu lapho bekuyiKentucky. UMfowethu Sullivan uthe, "Mfowethu Branham," uthe, "uyazi, konke, ngalesisigodi esincane esigijimela phezulu sidabula lapha, ngabe yiKentucky na?"

Futhi ngithe, "Ngi—bengingakwazi lokho."

Uthe, "Yebo, bayibo."

4 Futhi ngobunye ubusuku emhlanganweni kwenzeka nje ngasho, "Bangaki olapha ovela eKentucky, phakamisani izandla

zenu." Ngaqalaza, ngacabanga, "Ngabe ukhona umuntu osuka kwenye indawo na?" Bonke nje ngokuqondile, iKentucky.

5 Futhi imiphumela yayimangalisa, imibiko eminingi kakhulu! Bekukhona u—umnumzane ohloniphekile, izolo, obeza edlula, wedlulae futhi wangitshela ngezinto ezenzekile, nezincwadi amaletha zingena, nobufakazi obehlukene. Futhi khona-ke bekukhona . . .

6 Kukhona umnumzane ohloniphekile emuva lapha oqophayo njengamanje, futhi wathi, ngobusuku obuthize, ngiyakholwa uthe i "zolo ebusuku," ngenkathi ngishumayela ngokhozi oluncane. Futhi ushilo ukuthi . . . Emgqeni wokubona okufihlakeleyo, noma kungenzeka ukuthi bekusebandleni, bengingeke ngasho nje ukuthi yikuphi nje, kodwa bekukhona umuntu osukume ezethamelini. Futhi uMoya oNgcwele uqala ukukhuluma naye, futhi wamtshela ukuthi ubengasuye owakulelozwe, kodwa ubevela e-Indiana, indawo ethile phezulu e-Indiana. Futhi ushilo ukuthi, "Awuzimele lapha ngesingawe. Umele lapha ingane yakho encane, enezinyanga ezimbalwa nje ubudala, mhlawumbe izinyanga ezintathu," futhi into ethize efana nalokho. Futhi ibizohlinzwa, futhi inhliziyo ibizodingeka ikhishwe. Futhi bekuyi—yisimo esidabukisayo; amaphaphu ayo amancane abevuvukele, isifuba sayo; isisu sayo esincane besishone phakathi kakhulu. Futhi umtshele ukuthi akaye ekhaya, angangabazi; kodwa uma engeke angabaze, uzothola ingane yakhe ikahle.

7 Manje, ufakazi usegumbini nje elilandelayo lapha manje, futhi mhlawumbe ingane ezethamelini, ngakho konke engikwaziyo. Amaphaphu engane encane ehlele phansi ngokwejwayelekile, nesisu esincane sikhuphukile ngokwejwayelekile. Futhi umuntu oqophayo lapha, enye yamateyipu namhlanje ekuseni, ulethe umama, ubaba, neyakhe . . . lesisiqophamazwi sikamakhelwane, futhi wabangenisa, futhi waletha ingane, futhi wahlalisa ingane ngale egumbini, wase edlala iteyipu, lokho bekungu ISHO KANJE INKOSI. Futhi ushilo ukuthi lapho befika endawaneni lapho umnumzane ohloniphekile efike khona ukuzozethula emsamo, uthe, "UMoya oNgcwele ungene egumbini, ngokuba lapho kuhleli ingane encane khona lapho, ikhala futhi idlala, futhi iqhubeka." Ibingadingi kuhlinzwa. Odokotela abadingekanga ukuthi beyihlinze. INkosi iyihlinzile ingane, ngawaYo amakhulu, aMandla amakhulu. Futhi ingane encane ihlezi lapho, idlala embhedeni omncane, futhi—futhi unina noyise behlezi lapho, nomakhelwane okungenzeka ukuthi wayethe ukuba nokunqikaza okuncane kwayo yonke into; bekukhona uBukhona. Uma lokho kungesilo ukholo lwabaphostoli, angazi ukuthi kuyini.

8 Niyazi, iBhayibheli lathi, lapho uJesu wayekade, ngomphostoli uPetru noJohane, babephilise indoda ewunyonga

esangweni, “Babengeke basho lutho olumelene nakho, ngoba indoda yayimile lapho njengofakazi.” Ngakho-ke, uKristu usaphila. Malibongwe iGama laKhe. Induduzo enje kulezizinsuku! Manje, lobo nje ngobunye bobufakazi obuningi. Kodwa kuyini kulolusuku, ukuthola ukuthi uNkulunkulu ofanayo, ngezenzo ezimangalisayo ezifanayo, izinto ezifanayo lezo Azenza, Ukwenza nje ngendlela efanayo nanamuhla, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Siyabonga ngokuba nenhlanhla yokubuthana kulokhukusa eGameni laKhe.

9 Manje, sikhulekeleni njengoba sihamba sisuka endaweni siye endaweni, ukukhonza iNkosi ngokwesikhundla Azosibiza ngaso. Futhi siyajabula ukuthi akuveli kulelitabernakele kuphela lapha, kodwa kuvela ndawo zonke, phezu kwezwe.

10 Ngiyabonga, dadewethu. Lokho kube yinto ethembekile. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu omkhulu waseZulwini ukubonile wenza into efanayo. Inenekazi, elithe ukuba lincane impela kunelinye, elihlezi lapha. Futhi owesifazane obekade esensimini ngenxa yeNkosi, iminyaka eminingi ngaphambi kokuba ngizalwe, yena nomyeni wakhe; iminyaka engamashumi amahlanu nento, eshumayela iVangeli. Yena owesifazane esebenza emayini yamalahle, ukwesekela yena owesilisa ensimini, ukushumayela iVangeli engilimele. Owesifazane osekhulile ubehlezi ngaphambili, ingekho ifeni, esula umjuluko ebusweni bakhe; owesifazane osemusha uyasukuma futhi uyeza futhi umlethela ifeni. Ngakho-ke, ngiyanitshela, ngiyajabula ukubuthana nabantu namhlanje ekuseni abanjalo, kungenza ngijabule ukuthi ngingumKristu, futhi ngibuthane nabantu abangamaKristu.

11 Manje kuyashisa kakhulu ezweni lakithi, nasezweni lonke manje. Futhi sibheke ukufika kwekwindla, lapho kuzophola kakhudlwana. Umhlangano wethu omkhulu olandelayo esiwaziyo useSan Jose, eCalifornia. Yilapho ebesisezinkundleni ezikahle izinsuku ezimbalwa, futhi kubekhona ukubuthana okunjalo, besingebe nalutho njengokubanakekela. Futhi amaqembu afanayo axhasa imihlangano ezayo manje ezinkundleni ezikahle eSan Jose. Futhi siyethemba ukuthi uma uhlala eduze kwalapho, noma abangani, babhalele futhi ubatshele ukuthi babe semhlanganweni. Uma kungenjalo, sikhulekele.

12 Manje, namhlanje, ngishilo ukuthi bengizoba lapha namhlanje ekuseni, ukuhlanganyela emikhulekweni nasekunxuseni iNkosi, nani nonke bantu. Futhi uma kukhona izihambi phakathi kwethu, siyaxolisa ukuthi isakhiwo sethu asinaso isishayisamoya, kodwa nje siyibandla elimpofu nje, ezimpahleni zezwe, kodwa sicebile ekuKholweni eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi siyanemukela kulokhu kuvakasha okufishane, sikhulekela ukuthi nizobuya futhi niphinde nibe

nathi. Ngelinye ilanga sethemba ukuba nendlu yokukhonzela engcono.

13 Asikho kakhulu ezakhiweni zendlu yokukhonzela kulezizinsuku, ngoba siyakholwa ngokweqiniso, ngayo yonke inhliziyo yethu, iNkosi uJesu iyeza masinyane. Futhi lapho izithunywa zenkolo zisensimini, zishumayela iVangeli, zingafake zicathulo, zidla isidlo esisodwa ngosuku, singayakha kanjani indlu yokukhonzela yesigidi samadola ebusweni balokho na? A—angikuboni nje, bese sithi-ke, "INkosi iyeza masinyane." Masingene ensimini futhi senze esingakwenza kulesisizukulwane. Uma kukhona esinye, makuthi . . . Bayoziphendulela ngesabo; thina sizodingeka siphendule ngalesi. Angeke nje sihambise lezozakhiwo zamadola ayisigidi, nokunye nokunye, emva kokuba sensimini futhi sikubona.

14 Manje, kuhle. Ngicabanga ukuthi indlu yeNkosi ifanele ibe yinhle. Futhi ifanele ibe yi—yindawana encane engcwele. Yenziwe ibe ngethokomele futhi enhle ngangokunokwenzeka, kodwa hhayi noma yini kakhulu kakhulu, ngoba asikuqondi lokho.

15 Manje ngaphambi kokuba sikhuleke futhi sifunde imiBhalo, bengifuna ukunika i . . . hhayi ukushumayela namhlanje ekuseni, kodwa ukunikeza isifundo emiBhalweni. Futhi ngokwejwayelekile ukuza . . . Ngenza lokhu kuphela ebandleni lami uqobo, futhi sisebandleni lethu. Asisilo ihlelo. Singabangakhethi-hlelo, ngokwemvelo, futhi asixhumene nanoma yimaphi amabandla emigqeni yehlelo, kodwa sihlangene nawo onke amakholwa awo onke amahlelo nabo bonke abantu emhlabeni wonke jikelele. Ibandla lethu elincane, namhlanje ekuseni, laziwa ezweni lonke. Amateyipu eniwa . . . LeMilayezo, njengoba inqanyuliwe njengoba injalo, nokho siyayesekela, emasimini ezimishini, (zingaki izizwe ezahlukahlukene zakwamanye amazwe na?) izizwe zakwamanye amazwe eziyishumi nesishiyagalolunye, emateyipini nje kuphela.

16 Izizwe ezahlukahlukene eziyishumi nesishiyagalolunye zithatha iMilayezo futhi ziyayihumushela. Othile, njengoba ngishumayela, othile emile lapho eshumayela kanye nayo ngqo. Futhi bayahamba bayongena emaqhugwaneni nasezindaweni ezingaphandle lapho uNkulunkulu engaziwa ngisho, futhi beshumayela kubahedeni, nakwabomdabu e-Afrika naseNingizimu Melika, nasezweni lonke jikelele, futhi amakhulu aphindwe ngamakhulu eza eNkosini. Abaningi bayaphulukiswa. Futhi yingalesosizathu sizwa ukuthi konke kubalulekile ukucindezela uMyalezo, hhayi ezakhiweni ezinkulu nokunye nokunye.

17 Futhi khona-ke uma ngilapha, nginezifundo nje emBhalweni. Kodwa, phandle ensimini, angishumayeli

noma yiziphi iziMfundiso zebandla, ngoba, ukwenza kanjalo, kukwenza kube nzima. Abantu bazothi "Imfundiso yami ayilungile," noma okuthile okufana nalokho. Futhi uma ushumayela eyodwa... Uma ngishumayela imfundiso yeMethodisti, amaBaptisti azophikisana nami. Uma ngishumayela eyamaBaptisti, khona-ke iLuthela lizophikisa. Uma ngishumayela iPentecostal, khona-ke amaNazarene azophikisa. Uma ngishumayela amaNazarene, khona-ke ichurch of God izophikisa. Ngakho-ke, niyabona, uzodingeka uthathe isinqumo ngokuthile, kodwa, endaweni yensimu yenkonzo, semukela nje lonke ikholwa, akunandaba ukuthi isivumokholo sakho noma ihlelo liyini. Inqobo nje uma uzalwe kwabusha ngoMoya kaNkulunkulu, ungumfowethu nodadewethu. Futhi sihlose ukukugcina kunjena njalo.

18 Futhi khona-ke, uma iNkosi ithanda, namhlanje, ngifuna ukushumayela, ebandleni lethu, ibandla lethu limi eMfundisweni yeBhayibheli, lokho ibandla elikumeleyo, futhi kungani senza lokhu. Futhi ngokwenza kanjalo, sibophezelekile ukudala noma... asiqondile khona, kodwa singahle sidale imibuzo engqondweni yothile, athi, "Awu, angikaze ngifundiswe okunjalo, noma ukuKukholwa ngendlela ethize-thize." [UMfowethu Branham uthi, "Ngiyabonga," kothile—Umhl.]

19 Futhi uma kwenzeka ukuthi uzo... ibandla lakho alikholwa, noma awuzikholwa nje izinto esikhuluma ngazo njengeMfundiso yethu yebandla, sethemba ukuthi angeke neze kulethe isinengiso. Ngoba, sona kanye isinyathelo sokuqala sokuphumelela kobuKristu, nokukhombisa ukuthi umuntu wemukele uMoya oNgcwele, ngukuzithoba, ukuzithoba kwangempela okunikezwe nguNkulunkulu, ukuthi Kufanele kunikezwe ngokuzithoba. Kepha, nokho, ibandla ngaphandle kweMfundiso lifana nje nethekethekе; alinawo umgogodla. Ngakho-ke, sifanele sibe nomgogodla kulo. Futhi hhayi umgogodla futhi, kodwa amazinyo, futhi, ngoba iBandla likaNkulunkulu lifanele lidle iSinkwa sokuPhila.

20 Futhi thina, kwezinye izitatimende engingahle ngizenze, uma ngizama ukuLishayela phansi kanzima, manje ngiyacela ningaLiqondi ngokungesikho. Ukuthi, angiqondile ukuba luhlaza, ekufundiseni ngeBhayibheli. Kodwa uma mina, eminyakeni engamashumi amathathu yokuhlola, ngingathathi zivumokholo noma lutho ngaphandle kweZwi nje... Kunabantu lapha oyiPresbyterian, iKatolika, iBaptisti, iPentecostal, iNazarene, ichurch of God, iPilgrim Holiness, bonke bahlezi lapha. Futhi ngiyazi ukuthi ibandla ngalinye linesivumokholo salo uqobo, futhi angifuni ukuphazamisa lokho, kodwa ngizama kuphela ukukhipha umBhalo futhi ngikwenze ngomBhalo. Ngakho khona-ke bonke—bonke bazoqonda ukuthi akusikho ukuba luhlaza. Kungukuba nothando nokufisa, futhi ngomusa,

futhi nangokuhle ukwedlula konke engaziyo ukuthi imiBhalo ichazwa kanjani.

21 Futhi manje indaba yami kulokhu ukusa izoba uhlobo lwendaba ende, futhi angifisi ukushesha. Ngifuna ukuthatha isikhathi sami ngalokho nje engizokusho, futhi ngizame ukukuchaza, kungani sikusho.

22 Izikhathi eziningi kakhulu emihlanganweni, omunye uzothi, "Awu, yini ayikholwayo na? Ngabe uyiBaptisti, nokho na? Ngabe uyiPentecostal na? Ngabe uyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi na? Noma, ngabe uyi*lokhu*, noma *lokho* na? Ngabe ungolondeke iPhakade na? Noma, uyini na?" Futhi khona-ke wenza ukusho okukodwa kwanoma yini lokho oyikho, bazokuqathaza njengamazambane ashisayo. Akunandaba, angeke bame ukuba balalele, ukunakisisa, kodwa bazokuqhathaza ngokukhulu ukushesha.

23 Akukho ndawo emihlanganweni yami, noma ngasiphi isikhathi, engake ngaziwa ngokushiya ukungezwani phakathi kwabazalwane. Ngihlala njalo nje ngishumayela ukuFika kweNkosi, insindiso, no—nokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Lokho akulimazi noma yimuphi umuntu we-Full Gospel.

24 Khona-ke ebandleni lapha, ngineMfundiso engeyethu uqobo. Iphutshukela phakathi kwabantu ozayo, futhi athi, "Awu, ngi . . . Mfowethu Branham washo *ukuthi-nokuthi*, lezozinto." Awu, sifanele sibe neMfundiso.

25 Manje, maduzane nje emhlanganweni, lapho othile ebuza iqembu labefundisi. Onobhala bami nabo bakhona. Eziningi, izincwadi amaletha eziningi ziyangena, futhi zathi, "Ngabe uMfowethu Branham uyakholelwa e—ekulondolozeni noma ekugcineni, ekuphepheni kwekholwa na?" Awu, bengazi, eqenjini eligcina umthetho ebelibuza lokho, kuzoba nzima kimi ukukusho; bazo "susa izandla" ngokukhulu ukushesha. Futhi lokho akwenzi nomnci umehluko noma ngabe uyakukholwa lokho noma qhabo; inqobo nje uma usindisiwe, leyo yinto ebalulekile. Futhi angishongo lutho. Futhi amabandla ayishumi nesithupha ehlukene ayeka ukuxhasa, niyayibona i . . . ngenxa yokuthi ngenqaba ukuphendula, odabeni lokugcina inhlanganyelo nabantu.

26 Manje, ebandleni kulokhukusa, ngifuna ukuchaza ukuthi kungani ngikholwa yilokho engikukholwayo.

Asikhuleke.

27 Nkosi, Owabuyisa uJesu kwabafileyo, futhi waMnika thina njengoMnikelo wothando lwaKho kithi, nangokugeza ngamanzi ngeZwi, Ungcwelise abantu abayinqaba, iqembu elibizelwe ngaphandle, futhi silindile ngokubekezela ukuFika kwaKhe kwesiBili. Futhi siyazi ukuthi, emehlweni abantu, ziningi izivumokholo namahlelo. Futhi, Baba Nkulunkulu, sizokhuleka ukuthi Uzobusisa ngamunye wabo. Nokuma

abakumele, nakuba singaphikisana nabo ezintweni eziningi, nokho, emgomeni, njengamaKristu nanjengabazalwane, simile sencikene ngamahlombe nabo. Futhi kungesikho ukuncikana ngamahlombe kuphela, kodwa inhliziyo kuya enhliziyweni. Osukwini lokunganaki, lapho abantu bengabanamawala abakhukhumele, abathanda injabulo yezwe ngaphezu kukaNkulunkulu. Siyakhuleka, O Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uzobopha izinhliziyo zethu zisondelane ndawonye, konke, usuku nosuku. Phulukisa abagulayo kulokhukusa, Nkosi.

28 Kukhona labo abazofanele bangene embhaphathizweni wamanzi. Futhi siyakhuleka ukuthi uMoya waKho oNgcwele uzobagcwalisa ngo (u) Bukhona baKhe uma bengakakwemukele okunjalo. Kwangathi banganamekwa ngophawu ezintweni zezwe, futhi bagcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, othandweni lobuNkulunkulu lukaNkulunkulu, nangenhlanganyelo nabo bonke abantu.

29 Nkosi, ezansi kunqamule ezizweni zomhlaba, njengoba Ungithumile, indoda empofu engafundile. Futhi nokho, Nkosi, ngikholwa enhliziyweni yami, nguWe, izinto engizikholiwe nengizifundiswe yiBhayibheli, futhi zaqiniswa yiNgelosi yeNkosi Emile ikhona ukuqinisa okushiwo, uma kungokukaNkulunkulu. Izikhathi eziningi, abantu bacabange ukuthi ngingumxegisi. Wena ungumahluleli wenhliziyo yami. Kodwa njengoPawulu wasendulo, owashumayela ngisho ubuJuda waze wazuza ukuzethemba kwabantu, futhi khona-ke washumayela uKristu obethelwe; kodwa kuqala ukuzuza ukuzethemba kwabantu, ukuze uMlayezo wakhe uyonongwa ngosawoti. Siyakhuleka, O Nkosi, ukuthi Uzononga izinkulumo zethu nenhlanganyelo yethu, ngoSawoti kaMoya, ngeGazi leNkosi uJesu, futhi usenze abantu ababiziwe, nokuthi izwe lingahle libuke futhi libhekisise izimpilo zethu, futhi khona-ke libe ngelomele ukufana nathi. Sigcine sithobekile, futhi sigcwaliswe ngoThando lwaKho noMoya waKho. Ngokuba sikucela eGameni laloWo Owakhulekela ukuthi sibe munye, khona-ke, ukuze bonke abantu bezokwazi ukuthi sasingabantwana baKhe, lapho sithandana. Amen.

30 Manje, kinina, ngiyazi kuthi ukufudumala. Futhi uma kukhona—kukhona ifeni yonyawo emuva lapha ukuthi bafuna ukuyiletha noma kuphi, bekungabonakala kungcono, kulungile. Ngingathanda nje ukufunda okunye manje okuvela emiBhalweni eNgcwele.

[UMfowethu Neville uthi kuMfowethu Branham, "Lefeni iyakuhlupha na?"—Umhl.] Qhabo, mnumzane. Lutho inqobo nje uma ikwiphansi kanjalo. Ngiyakholwa ilungile, Mfowethu Neville.

31 Ngifuna niphenye kanye nami emiBhalweni, eNcwadini kaJoweli, futhi khona-ke nginezindawo eziningana lapha engizothanda ukufunda kuzona, kuqala, ukuthola isifundo, ingqikithi ethize yesifundo. Okokuqala, kuJoweli, isahluko 1, siqale ngevesi 1, futhi sifunde ele 4. Bese kuthi-ke esahlukweni 2, elama 25 kuya kwelama 27, sizofunda okokufundwa komBhalo.

> Futhi *izwi leNkosi . . . lafika kuJoweli indodana kaPhethuweli.*
>
> *Yizwani lokhu nina-badala, nibeke indlebe, nina nonke enihlezi ezweni. Kwake kwaba-khona emihleni yenu noma emihleni yawobaba na?*
>
> *Kutsheleni abantwana benu, nabantwana benu abantwana babo, nabantwana babo esinye isizukulwane.*
>
> *Lokho isibotho . . . kushiyiwe kudliwe yisikhonyane; nokushiywe yisikhonyane kudliwe yizinkumbi; nokushiywe yinkumbi kudliwe yinkasa.*

32 Bese kuthi-ke evesini lama 25 kuya kwelama 27, lesahluko 2.

> *. . . ngiyakubuyisela kini iminyaka eyadliwa yisikhonyane, inkumbi, nenkasa . . . isibotho,* nenkasa, *impi yami enkulu engayithuma phakathi kwenu.*
>
> *Niyakudla nokudla, nisuthe, nilidumise igama le Nkosi uNkulunkulu wenu, oniphathe ngokumangalisayo: abantu bami abayikujabha kuze kube phakade.*
>
> *Niyakwazi ukuthi ngiphakathi kuka-Israyeli, nokuthi ngiyi Nkosi uNkulunkulu wenu, akakho omunye: abantu bami abayikujabha naphakade.*

33 Bese kuthi-ke eNcwadini yabaseRoma, nasesahlukweni sokuqala kwabaseRoma, futhi ivesi 25, ngifunda lokhu. Sizothatha alama 24, futhi.

> *Ngalokho-ke uNkulunkulu wabanikela* ekungahlenzekeni *ezinkanukweni zezinhliziyo zabo kukho ukungcola, bahlazisane imizimba yabo bodwa:*
>
> *Baguqule iqiniso likaNkulunkulu balenze amanga, . . .*

34 Bese kuthi-ke kwabaseRoma, isahluko 3 nevesi 4. KwabaseRoma 3, nevesi 4, siyafunda. Isigaba sokuqala salelovesi 4.

> *Qha nakanye: . . . makube ukuthi uNkulunkulu uqinisile,* futhi *wonke umuntu ungumqambimanga; . . .*

35 Manje siza emcabangweni onzima wendaba lapha. Futhi manje si . . . ngiyakholwa ukuthi kuzofika isikhathi sokubuyiselwa kwezinto zonke ezenziwe ngokungafanele. Futhi siyazama, ngakho konke okungaphakathi kithi, namanye amadoda ayazama, njengabavangeli abakhulu njengoBilly

Graham no-Oral Roberts, nabanye abaningi ababavangeli abagqamile, abefundisi, abelusi, abathembekile esikhundleni sabo, bazama ukubona imvuselelo esikhathini sethu. Futhi nina, abantwana bakaNkulunkulu, nikhulekela imvuselelo esikhathini sethu. Amashumi ezinkulungwane emikhuleko ahlangana noNkulunkulu njalo ngehora, okwemvuselelo esikhathini sethu. Futhi kulotshiwe emiBhalweni ukuthi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana, futhi beyokhuleka, khona-ke Ngiyakuzwa ngiseZulwini." Manje, uma abantwana bakaNkulunkulu bezibuthanela ndawonye futhi bekhulekela imvuselelo esikhathini sethu, futhi imvuselelo ingafiki, khona-ke kufanele kube khona okuthize okungalungile ndawo ndawo.

36 Manje, khumbulani, ukuthi, noma yini ingasebenza kuphela njengoba usebenza emthethweni waleyonto. Amandla omhlaba nezulu angahamba kuphela ngokomthetho womhlaba nezulu. Imihlaba ingahamba kuphela njengoba ihanjiswa umthetho wemihlaba. Ilanga lingaphuma kuphela ngokufanele njengoba umhlaba uphendukela elangeni. Futhi ukuthi lapho, ngukuthi, yonke into ifanele isebenze ngokomthetho weplani yakho. Ngoba, uNkulunkulu wenza zonke izinto, futhi wenza umthetho waleyonto. Futhi khona-ke ifanele iphenduke, futhi isebenze, futhi isebenze ngokomthetho waleyonto. Angeke kusebenze kahle nganoma iyiphi enye indlela.

37 Faka iketango ezinyweni lesondo, bese-ke ulifaka ulizungezise esikhonkwaneni. Ungahle ukwazi ukwenza isikhashanyana. Kodwa indlela kuphela oyoke wenze ngayo isikhathi esifanele ngaleloketango, ukufaka izinyo lesondo elilingana nezinyo lesondo elingemuva kwalo, bese-ke lezo zimbobo ezincane kuleloketango ukuba kuhlangane, liqondaniswe ncamashi nezinyo lesondo, khona-ke ungahamba uye endaweni ethile.

38 Futhi ngineqiniso lokuthi sinezinyo lesondo elingafanele ndawo ndawo. Ibandla lihamba kancane kakhulu ngokwehora esiphila kulo. Kukhona into ethize engalungile impela. Futhi kusifanele kulolusuku, ekusondeleni kokuFika kweNkosi, ukuhlala phansi futhi sifundisise lokhu futhi sibone ukuthi yini engalungile, sithole imbangela. Awusoze wathola ikhambi uze uthole imbangela.

39 Uma udokotela, uma ungena ehhovisi lakhe futhi uthi, "Ngiphethwe ikhanda, futhi ngiyagula esiswini sami," futhi akunikeze umuthi wokudambisa izinhlungu omncane, noma okuthize, bese eyakuhambisa, uzama nje ukukuxosha. Owangempela, udokotela wangoqobo uzoluxilonga lolodaba aze athole ukuthi yisiphi isitho esingasebenzi, khona-ke usebenza kusuka kulesositho.

40 Yileyondlela okungayo eMbusweni kaNkulunkulu. Sifanele sithole ukuthi yini engalungile, bese-ke sisebenza kusukela kulokho. ImiBhalo ifana nesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikadokotela.

41 Udokotela, ososayensi abasebenza kanzima ukuthola isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi, soku—kubulala igciwane elithile, isifo esisemzimbeni wakho, njengomkhuhlane wemfiva obanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini, noma—noma isifo esithize, ukuthi bangakunika umantshu ozobulala lelogciwane lemfiva ebanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini, kodwa nokho kuzofanele kuphathwe ngokucophelela. [UMfowethu Branham ukhuluma nothile mayelana nesishayisamoya—Umhl.] Uphathwe ngokucophelela, kuze kuthi lokhu: uma kungekho okwanele kwakho, angeke kusisize isiguli; futhi uma kukhona okunye okwengeziwe, kungahle kubulale isiguli. Kuzofanele kunikezwe usokhemesi, ngokwesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo nje.

42 Ngakho-ke, uma kukhona okungalungile ebandleni namuhla, ukuthi aliqhubekeli phambili ngendlela ebelifanele ngayo, kungumbono wami ukuthi besifanele sibuyele emuva esiThakweni somuthi nokusetshenziswa kwawo, sithole ngempela nje ukuthi yini engalungile, ukuthi lelibandla ligula kakhulu ukuthi kunesifo ebandleni lethu, isifo sesono. Khona-ke sizofanele sithole ukuthi yini uDokotela ayibhalile, futhi sibone uma abelusi bethu abangosekhemisi ukuthi basinika isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanele. Futhi, khumbulani, ungenezela okuthile emBhalweni oxilongiwe osondele ngempela, futhi ubulale isiguli. Futhi mhlawumbe, angisho ukuthi sinakho, kodwa kuthiwani uma abanye bosekhemisi bethu enezele okuthile esiThakweni somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu na? Uma bekwenzile, babulala isiguli, bezivumela zifele esonweni.

43 "Awu, kungukuthi," wena uthi, "awu, uma bebeqotho!" Qhabo, lokho akukuthetheleli.

44 Umuntu, usokhemisi, unikeza indoda isimuncu esingumuthi sokubulala imbewu, lapha eminyakeni embalwa edlule, eqotho nje njengoba engabanjalo, futhi ikhemisi elibhalisiwe, futhi sabulala indoda. Nokho, wayeqotho. Akukho... Ubuqotho, ngibubonile ubuqotho phakathi kwabahedeni, obeyokwenza ubuqotho bobuKristu bubukeke njengokuthile emuva le emigqeni yasendulo. Ngibone abahedeni abebeyobeka izingane zabo emlonyeni wengwenya i-aligeyitha, ukuyinikela kunkulunkulu wamanzi. Angibutholanga lobo buqotho phakathi kwamaKristu. Ngibone abantu abangalala ensinjaneni ecijile. Futhi baphule amathambo ezinyawo zabo lapho bengabantwana abancane; ngibabonile bethatha izingane nabafo abancane, futhi babasike futhi babaphawule, futhi

babophise, futhi ngezinye izikhathi bathathe izimpilo zabo. Ubuqotho obujulile, kodwa banephutha.

45 Manje ake sithole okuthile. UJobe, noma uJoweli, njalo, ngi ga-. . .ngicabanga ukuthi wasinika isendlalelo esikhulu lapha. Futhi yilokho esifuna ukukuthatha ukuba sikufunde. Yena wathi:

> *Nitshele—tshele abantwana benu. . .abantwana batshele abantwana babo, futhi* ababo abanye, nokunye nokunye, *esinye isizukulwane,* obekuyoba abeZizwe. Tshela u-Israyeli ukuba aqhubeke akusho.

46 Futhi manje lomBhalo uJoweli akhuluma ngawo ugcwalisekile namhlanje njengoba thina, abeZizwe, siWemukelile. Yena wathi:

> *Lokho okushiywe yisibotho* inkasa iku*dlile;*. . .inkasa, isikhonyane, nokunye nokunye.

47 Futhi lezi zinambuzane, uma uzothola incwadi yakho mayelana nezinambuzane, uzoqaphela ukuthi lezo zinambuzane ezine ezihlukene isinambuzane esifanayo ezigabeni ezine ezehlukene zempilo yaso. Sonke siyazi ukuthi u—ukuthi u—umfece awulutho kodwa inkasa emboziwe, futhi uzochamusela uvemvane; futhi uvemvane inkasa ngaphambi kokuba ichamuselwe. Isibotho, isikhonyane, nokunye nokunye, kuyafana. Isinambuzane esifanayo. Manje noma yini . . .

48 Manje lalelisisani. Noma yini eyenzeke ekuqaleni, ngesinambuzane sesibotho, kuba inkasa nje, kamuva. Futhi inkasa iba isikhonyane, kamuva. Futhi noma ngabe yini okwaqala ekuqaleni, kusalokhu kuyinto efanayo ebanga inkathazo namuhla. Futhi asibuyele emuva manje emiBhalweni futhi sithole ukuthi yini eyaqalayo.

49 Manje, siyazi ukuthi singakha ibandla kuphela, kuqala, phezu kwempahla yokwakha uNkulunkulu asinikeze yona ukuba sakhe ngayo. Yilokho kuphela esinakho. Futhi ngiyacabanga, ngaphambi. . .Ngiyazi Lokhu kuqinile, futhi Kuseteyipini, amakhulu abantu ezweni lonke bazokuzwa. Kodwa ngaphambi kokuthi size sibe nesakhiwo seBandla likaNkulunkulu, sizofanele sibuyisele emuva zonke zonke lezozinto lezizinambuzane ezizidlile zazikhipha kuLo. Sizodingeka sibuyele emuva futhi sithole ukuthi izinambuzane zidlani. Futhi ngaphambi kwaloMvini weNkosi, umvini wamaGilebhisi. . .UnguMvini; thina singamagatsha. Futhi ngaphambi kokuba sike size sithole, noma iBandla lingama emandleni alo awongokwasemthethweni nawasekuqaleni, sizodingeka sibuyele emuva futhi sithole ukuthi izinambuzane zidlani. Futhi leloBandla lizofanele libuyiselwe emuva kulokho, noma alisoze lama emandleni alo nasenkazimulweni yokuma kwalo kwasekuqaleni.

50 Uma ixolo lixetshuliwe esihlahleni, sifanele sibuyisele ixolo kuso futhi. Hlumisa ixolo, kuqala. Angeke ube nama-apula uze uhlumise ixolo. Ngokuba, ixolo lingumugqa wamanzi esihlahla. Ulayini wamanzi esihlahla ungulayini wokuphila.

51 Futhi imiBhalo, iBhayibheli eliNgcwele likaNkulunkulu, lingulayini wokuPhila kunoma yiliphi ibandla. Singake size siwenyuse kanjani amanzi esihlahla somgilebhisi ngexolo lomthombe na? Angeke nje kusebenze. Sifanele sibe nexolo lomvini wamaGilebhisi. Sifanele sibe nexolo lasekuqaleni. Futhi yinye kuphela indlela yokuthi leloxolo lingake lize libuyele emuva eMvinini, kulapho uNkulunkulu elihlumisa khona, qobo lwaKhe.

52 Asikwazi ukwenza okunye futhi sikubeke phezu kwalo. Angeke kusebenze. Akukho qhinga elenziwe ngumuntu eliyoke lisebenze. Kuyothatha indlela kaNkulunkulu noma akusoze kwaphila. Amaqhinga enziwe ngumuntu angeke asebenza. Ungahle usonge indwangu izungeze isihlahla, futhi uthi, "Masikhule." Indwangu yayingesilo uhlelo lukaNkulunkulu. Kufanele kube ixolo, ulayini wokuphila, Futhi uma kuvela ezimpandeni, kuzoveza ukuphila okufanayo isihlahla esasinakho ngaphambi kokuba izinambuzane zisidle.

53 Akumangalisi singeke sabanayo imikhankaso yokuphulukisa. Akumangalisi amabandla ehhebhuliwe. Akumangalisi omunye ezothi, "O, *lokhu*, *lokho*, no*kunye*," bengavumelani kakhulu. Akumangalisi kukhona izimfundiso ezigqamile ezinjena phakathi kwethu, kungenxa yokuthi asikwazi ukuthela izithelo zangempela zokukhuthazela, ukubekezela, ubuvi, ububele. Ulayini wokuPhila unqunyiwe esiHlahleni, futhi asisoze sasikhulisa ngezivumokholo zendwangu ethile noma yiliphi elinye ixolo elibambele. Kuzothatha amandla kaNkulunkulu uSomandla ukukhulisa lesosihlahla sibuyele emuva esimweni saso futhi.

54 Akashongo yini uJesu, futhi imiBhalo yathi, "Ninamehlo futhi aniboni, ninezindlebe futhi anizwa"? Abakwazi nje ukukwenza. Futhi akekho umuntu ongeza kuNkulunkulu, noma kuKristu, aze uNkulunkulu akwembule kuye.

55 Ngeliny'ilanga ngangikhuluma, futhi sasicabanga ngomBhalo. Ngathi, "Kungani abantu bengakuboni Lokho na?" Ngathi, "Nakho-ke," futhi kwenzeka ngacabanga. Angikhathali ukuthi Kucace kangakanani, ukuthi umBhalo uKufundisa kangakanani, awusoze wakwazi ukuKubona aze uNkulunkulu qobo lwaKhe aKukhombise khona; angikhathali ukuthi Kucace kangakanani. Futhi iBhayibheli lonke lakhiwe, futhi iBandla lonke likaNkulunkulu ophilayo, lakhiwe phezu kwesambulo sokomoya seZwi. Kungani u-Abela anikela ngomhlatshelo omuhle kakhulu kunoKayini na? Kungani u-

Abela engamlandelanga uKayini; wayenendlu yokukhonzela enhle kakhulu na? Kodwa kwembulwa kuye.

56 Ngenkathi uJesu ephuma eNtabeni yokuGuqulwa isimo, futhi bathi . . .

"Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu Ngingubani na?"

57 "Omunye wathi 'Eliya,' futhi omunye wathi Ungu 'mprofethi,' kanjalonjalo."

Wathi, "Kodwa nina nithi Ngingubani na?"

UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

58 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, ngokuba inyama negazi akuzange kukwembulele lokhu. Awuzange ukufunde ngezincwadi ezithize, noma ngekholiji elithile, noma isikhundla esithile seqhinga elenziwe ngumuntu. Kepha uBaba waMi oseZulwini ukwembulile lokho kuwe, futhi phezu kwalelidwala Ngizolakha iBandla laMi, namasango esihayidese awayikuLahlula." Nakho lapho okhona, isambulo sokomoya seZwi likaNkulunkulu.

59 KuMathewu 11, ngikholwa ukuthi nguye, noma 12, ndawana-thize ngapho, kulotshiwe, okwathi, "Yize uJesu ayenze izimangaliso eziningi kakhulu, izibonakaliso eziningi kakhulu ukuthi WayenguMesiya, nokho abantu babengenakukukholwa. Ngoba u-Isaya wathi, 'Banamehlo futhi ababoni. Banezindlebe futhi abezwa.'" Kanjani na? Nakuba babeyizifundiswa, nakuba babengosozinkolo abaphakeme; babengcwele, bengenacala futhi bengenakusolwa. Uma betholwe benephutha elilodwa elincanyana, babekhandwa ngamatshe, ngaphandle komusa. Akukho muntu owayengabeka umunwe kulokho. Babefundisisa imiBhalo, imini nobusuku, isizukulwane emva kwesizukulwane, futhi uNkulunkulu wayesalokhu ewaphuphuthekisile amehlo abo.

Uthi, "UNkulunkulu wakwenza na?" Yilokho Akushoyo.

60 UNkulunkulu wenza lokho Akufunayo. Angeke siMtshele ukuthi akenzeni. Akazange uPawulu, eNcwadini yakwabaseRoma, isahluko 8, asho ukuthi, "UNkulunkulu wavusa uFaro futhi wenza lukhuni inhliziyo yakhe, waphuphuthekisa amehlo akhe, ngalenhloso efanayo, ukuze intando yaKhe ingahle yenziwe"? Kwakungesiye u-Esawu na? NoJakobe . . . u-Esawu wenqaba, ngaphambi kokuba umfana aze azalwe; uNkulunkulu wamenyanya. Niyabo, konke kusebenza ngokumisela ngaphambili okukhulu kukaNkulunkulu. Akasiye Lowo olele. Wazi ncamashi.

61 Futhi sehlulela abantu ngokwabo . . . kubukeka sengathi, ukwethembeka kwabo noma ubuqotho babo. Sehlulela amabandla ngokwenqubekela phambili yawo. Siyajoyina, sithatha abavangeli, ngenxa yokuthi bakhulu. Lokho akusiKho.

62 "Kuyodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula."

63 Lokho okushiywe yisibotho, inkasa ikudlile. Kukhona okungalungile, ndawo ndawo, ngoba iZwi likaNkulunkulu liPhakade njengoba nje naye EPhakade. Futhi iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleke kunoma uNkulunkulu engehluleka, Yena uqobo. Manje, kukhona okungalungile, ndawo ndawo.

64 Ngakho-ke masibuyele emuva manje. Isendlalelo manje esesisibekile. Asibuyele emuva, sithathe indikimba yethu kwabaseRoma 3:4, "Makuthi onke amazwi omuntu abe ngamanga, futhi iZwi likaNkulunkulu libe yiqiniso."

65 Ngizoshayela phansi lokhu, futhi ngifuna nilalele. "Makube uNkulunkulu, iQiniso." Asihambisane nalokho uNkulunkulu akusho, kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu utheni. Ngifuna ukusebenzisa izinto ezine ezahlukene zalokho engikubona emBhalweni, lokho lezizinambuzane ezikunqampune eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, futhi zikhubaze uMvini kaNkulunkulu, noma ziwubhashisile.

66 Sizovuma, nina maMethodisti nizovuma, nina maBaptisti nizovuma, nina maPresbyterian, nina maPentecostal, nina maNazarene, nonke niyavuma, itabernakele lapha liyavuma, "Kukhona okungalungile." Futhi thina, itabernakele, linecala njengabo bonke, ngokuba, "Lowo owazi ukwenza okuhle, futhi angakwenzi, kuyena yisono."

67 Manje asibuyele emuva. Futhi ngifuna ukubala izinto ezine, ngokomBhalo nje njengoba ngazi ukuthi ufanele ubekanjani, ukuthi lezizinambuzane zikudlile eBandleni, kusukela ekuqaleni kwaLo, isimo sasekuqaleni.

68 Manje, into yokuqala, ibandla lamiswa ngoSuku lwePhentekoste. UPetru washumayela e—entshumayelweni yokugcotshwa enkonzweni yokuthweswa izinqu zemfundo ephakeme, lapho iBandla lazalwa khona. IBandla lamaKristu lazalwa ngoSuku lwePhentekoste. Futhi uma uNkulunkulu engongenasiphelo, engongenasiphelo, futhi akasoze aguquke, iBandla laKhe lifanele lihlale linjengoba laLinjalo ekuqaleni. Niyakuvuma lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IBandla lifanele lihlale linjengoba Lalinjalo.

69 Kodwa umuntu udlale ngaLo, bafaka izincazelo okungezabo uqobo kuLo. Ungalokothi uzame ukuhumusha iZwi likaNkulunkulu. Yisho lokho nje eLikushoyo. Anginandaba ukuthi Likanjani, ngakho-ke hambisana naLo nje, yilokho kuphela. Ungaliguquli iZwi. IBhayibheli lasho, ukuthi, "UmBhalo awusiwo owokuchasiselwa ngumuntu ngokwakhe." Asinalo ilungelo lokusho lezizinto; sifanele nje siLifunde futhi sisho ncamashi njengoba Lisho, futhi siLikholwe ngendlela

efanayo. Anginandaba ukuthi libonakala lihlekisa kanjani; Likholwe, noma kanjani.

70 Ipulpiti alisiyo indawo yehlaya. Yindawo yobuqotho. Angikusho lokhu ukuba ngihlekise. Ngiqonde lokhu ukucaphuna okuthile engatshelwa khona. Kwathiwa, kwakukhona umfowethu oyikhaladi omdala ezansi eningizimu, wayephethe iBhayibheli, futhi ubasi wakhe wayehlekisa ngaye. Wathi, "Awukwazi ukuLifunda; uLiphatheleni na?"

71 Wathi, "NgiLiphethe ngoba ngiyaLikholwa." Leso yisizathu esihle. "Angikwazi ukuLifunda, kodwa ngiyazi kukhona okuthize kuLo. Kuqinisile." Wathi, "Ngikholwa ngisho yi 'khava' engaphandle kwaLo. Ino 'iBhayibheli eliNgcwele' okubhalwe kuyo. NgiyaLikholwa."

72 Yena wathi, "Noma yini lelo Bhayibheli elithi yenze, ngiyacabanga ungayenza na?"

73 Wathi, "Yebo, mnumzane. Uma ukufunda eBhayibhelini, ngizokwenza uma kunguMyalo kaNkulunkulu."

74 Yena wathi, "Khona-ke ungathini uma ngifunda kulelo Bhayibheli, futhi ngakutshela ukuthi iNkosi ithe kuwe gxuma udabule kulolodonga lapho, lolodonga olukhulu lwetshe na? Ubuyoke uze ugxume kanjani ezweni udabule lolodonga lwetshe uma kungekho imbobo kulo na?"

75 Wathi, "Uma ufunda lokho eBhayibhelini, neNkosi ingitshele ukuthi ngigxume, Izoba nayo imbobo uma ngifika lapho." Futhi kunjalo.

76 UNkulunkulu washo njalo, kungenandaba ukuthi Libukeka lihlekisa kanjani, thatha isitebhu uye phambili kuLo. KukuNkulunkulu ukunakekela konke okunye kwakho, lowo ngumsebenzi waKhe. Kungumsebenzi wakho ukunyathela.

77 Manje enye yezinto zokuqala engingathanda ukuyikhuluma nani okwalemizuzu embalwa. Emuva kokuba sesitholile ukuthi isisekelo sifanele sibe ngesasekuqaleni, kufanele kubuyele emuva esisekelweni, kufanele kubuyele emuva lapho kwakunguMvini khona. Uma kukhona okungalungile ngakho, futhi uMvini ungasebenzi kahle, asibuyele emuva futhi sithole ukuthi yini engalungile.

78 Manje, enye yezinto zokuqala engingathanda ukuyibalula, ukuthi kukhona okusukile ebandleni lethu, enye yezinto ezisemqoka, ukuKholwa. Abantu abanakho ukuKholwa namhlanje njengoba babenakho ngalolosuku. Uhlobo oluthile lwenkasa, yohlobo oluthile, ingenile futhi yanqampuna ulayini wokuPhila wokuKholwa. BaKuguqulile. Namhlanje ukukholwa kwabo kuphumule phezu kohlobo oluthile lwe—lwehlelo lebandla elikhulu. Kodwa uJuda wasitshela, kuJuda ivesi 3. Lathi:

> *Bathandekayo,...ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngensindiso esihlanganyele sonke, ngacindezeleka ukunilobela*...(NginaKho lapha phambi kwami.)...*ukuba nginiyale nize niqinise ukulwela inkolo* (hhayi *i*nkolo; iNkolo *impela*) *abayinikelwayo abangcwele kwaba-kanye.* (Lokho kwakuyiminyaka engamashumi amathathu nantathu ngaphambi kwalokhu, lokhu kuKholwa kwalethwa.)

79 Manje, hhayi...Abantu bathi, "O, Lokho kuphambene nokukholwa kwami."

Kunye kuphela ukuKholwa. "Yinye iNkosi, ukuKholwa kunye, nomBhaphathizo munye." Ungahle ube *no*kukholwa, kodwa sifuna ukuKholwa *kwangempela*. *Niqinise ukulwele*, lokho ngukuthi, "ukuphikisana nge," ume, "ukusukumele i."

> ...*niqinise ukulwela inkolo* aba*yinikelwayo abangcwele kwaba kanye.*

80 Kwakunini lapho babebizwa ngabangcwele na? Ngenkathi babengcwelisiwe. UMoya oNgcwele wabangcwelisa. Babebizwa ngabangcwele. Manje uJuda uyasho, umfowabo, usingamfowabo kaJesu, "Ngifuna niqinise ukulwela ukuKholwa okwanikelwayo kwabangcwele kwaba kanye. Ningalokothi nivumele lokho kuKholwa kuwe." [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.]

81 Futhi ukuKholwa kwabangcwele kwakungekho ezivumwenikholo, kungekho emahlelweni, kungekho ezindlini zokukhonzela, kungekho ezinhlanganweni, kodwa kwakuseBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo. BabenokuKholwa ukuphilisa abagulayo, bexosha amademoni, benza izimangaliso. Zonke izithembiso ezinkulu uJesu azenza, lelobandla lokuqala labambelela kuLokho. Kwakungulayini wokuPhila.

82 Lalelani lapha. Lalelisisani kulokho engifuna ukunitshela khona. UBukhona banjalonjalo bukaNkulunkulu ophilayo ulayini wokuPhila wanoma yiliphi ibandla noma yisiphi isigejane sabantu, uBukhona banjalonjalo bukaNkulunkulu ophilayo ukuba benze, nokwenza, nokulingisa, nokuhlala nabantu njengoba Enza ekuqaleni. Uma uBukhona bukaNkulunkulu ophilayo baletha ipentekoste ngamandla, ngezibonakaliso, ngezimangaliso, kwaletha abantu bagcwala kakhulu iNkazimulo kaNkulunkulu baze bamemeza futhi bakhuluma ngezinye izilwimi, futhi bahamba futhi baba ngabafelukholo ngokuKholwa, asiqinise ukulwela lokho kuKholwa size sikhululwe ukufa. Siqinise ukuKulwela. Asisoze saxegisa, ngokufunda izincwadi, sithathe isayensi yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Asisoze saxegisa, ngezivumokholo ezithize noma izincwadi zomkhuleko, noma okuthize omunye umuntu akusho.

UKholo lwami alakhelwe kwilutho
KuneGazi likaJesu elinokulunga;
Konke okusemphefumulo wami kuyahlakazeka,
Khona-ke Uyikho konke ithemba nokuhlala kwami.
Ngokuba kuKristu, iDwala elimiyo, ngimi kulo;
Yonke eminye imihlabathi izihlabathi ezibishayo.

83 Akukho sivumokholo kodwa uKristu, akukho mthetho kodwa uthando, futhi akukho ncwadi kodwa iBhayibheli. Akukho zincwadi zesivumokholo! IBhayibheli lizofanele likusho. IBhayibheli alizukufanele liKusho kuphela, kodwa liKusho njalo ngokufanayo, lifanele liKusho kusukela kuGenesisi kuye eSambulweni. Lifanele liye kulo lonke ulwembu oluncane, futhi luphicwe kuyo yonke ingxenye yeZwi. Uma lingakwenzi, khona-ke nginokuhumusha okungesikho kwaLo, ngoba uNkulunkulu akanakuphikisana neZwi laKhe uQobo. Uma Lingasho into efanayo kuyo yonke imithambo emincane!

84 Uma leliyembe lapha, lilukwe lahlanganiswa ngentambo efanayo, yilokho okulenza libe yilokho eliyikho. Yilokho okulenza libe mhlophe.

85 Yilokho iBandla eliyikho. Uma lizoba yiBandla elimhlophe, elizelwe kabusha, elingenabala, elingenambimbi, lifanele lilukwe ngohlobo olufanayo lwentambo elaqala ngayo, ngoSuku lwePhentekoste, isehlakalo sikaMoya oNgcwele, sivutha futhi sithandeleka. Angeke wengeza isiqephu sezimpahla ezibolile. Angeke wenezela isiqephu sendwangu efana nesaka kulo. Angeke kusebenze. Izolonakalisa.

86 Uhlobo oluthile lwenkasa endala lungenile futhi lanqampuna lokho kuKholwa. Bayasukuma futhi bathi, “Ngiyakholelwa ebandleni elingcwele. Ibandla eliRoma Katolika elingcwele, ngiyakholelwa kulo.”

87 Ngiyakholelwa kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, nokuKholwa naMandla okuvuka kwaKhe aphila ngaphakathi kimi namuhla. Ngoba Uyaphila, nami ngiyaphila. Hhayi ngenxa yesivumokholo, hhayi ngenxa yehlelo; kodwa ngenxa yokuthi uKristu uyaphila. Futhi ngikuKristu, ngiphila ngaYe, futhi kanye naYe, futhi ngiphila ngaYe. Futhi iMpilo yaKhe ingaziluka qobo lwaYo izihlanganise ndawonye kimi. Uma Ingakwenzi, khona-ke angeke ngizibize ngowaKhe. Akalithathi nje ikhanda lami; Uthatha inhliziyo yami, iminyakazo yami, konke okwami, futhi aziluke qobo lwaKhe phakathi kukho.

88 Uzilukela Yena uqobo eZwini. IZwi angeke lisho into eyodwa, endaweni eyodwa, nenye into kulena enye indawo. Futhi ngiyazi Kulotshiwe kanjalo. Kulotshwe ngaleyondlela ngenhloso. UJesu washo njalo, futhi wabonga uNkulunkulu, ukuthi Wa—Wayeku "fihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wakwambulela izingane zona eziyofunda." Leyo yinhloso kaNkulunkulu ekwenzeni njalo. Yena. . .

89 Kungani Ake aze avumela isoni ukuba size na? Wayezodingeka avumele isoni size, ngenhloso yaKhe yokuba nguMsindisi. Mkhulu kunesono. Yena. . .wayengafanele ukuba abe yisono, Wayengafanele avumele uSathane enze isono sokuqala. Kodwa isizathu sokuthi uSathane adale isono sokuqala, noma aphendukezele ukulunga, kube yisono, isizathu sokuthi wasenza, ukuze uNkulunkulu ezoba nguMsindisi. Wavumela ukuthi umuntu agule, ngoba UnguMphilisi. Futhi Uzofanele abe ngolungile, futhi Uzofanele abeke uMuthi wokuPhila nomuthi wokufa ngaphambi kwawo wonke umuntu, njengoba Enza ku-Adamu no-Eva, noma Wenza iphutha ngenkathi Ekubeka ngaphambi kuka-Adamu no-Eva. Manje kukini.

90 Manje qaphelani ukuKholwa, ukuKholwa kweqiniso, ukuKholwa kwangempela, "ukuKholwa impela." Manje sithatha amabandla ethu namhlanje, sibukeni, bukani abantu bakithi bePentecostal, bukani abantu bakithi beBaptisti, amaPresbyterian ethu, amaNazarene, iPilgrim Holiness, neTabernakele likaBranham, sonke, sinecala, ngokungaqiniseli ukulwela lokho kuKholwa.

91 Ukuqophisana okuncane kungaqubuka ebandleni, eTabernakele likaBranham. Ngisekhaya. Ngingakhuluma ngani manje. Futhi bayobumba abancane abahlangana ngabodwana ukucwasa abanye, futhi oyedwa aye kolunye uhlangothi nomunye kolunye. Ngabe lokho kuqinisa ukuKholwa abakunikelwayo abangcwele kwaba-kanye na? Ngabe lokho kuzwakalisa iMfundiso yabaphostoli na? Qhabo, mnumzane, mfowethu. Babenodaba luka-Ananiya noSafina. UNkulunkulu usenguNkulunkulu ofanayo. Futhi sikubonile lokho kufakazelwa. Akukho ukuqinisela ukulwela.

92 Abantu bayaphuma namhlanje futhi bathi, "Awu, inkolo yami ayizifundisi izimangaliso. Bafundisa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule." Khona-ke awuqinisi ukuKholwa abakunikelwayo abangcwele kwaba-kanye.

93 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .isigejane sentshisekeko, qobo lwami. Kodwa ngiyakholwa ukuthi kukhona esangempela, isiphiwo sangoqobo sikaMoya oNgcwele, futhi siqinisa ukulwela Lokho. Kunjalo. SiyaKukholwa. Abangcwele bakhuluma ngezilimi.

94 Bathi, "Angikholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu." Angikholelwa esigejaneni sentshiseko. Kodwa siyakholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu, ukuthi Uphilisa abagulayo, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

95 Ngibone inqwaba yokubizwa ngokubona okufihlakeleyo, angikholelwa kukho. Kodwa ngiyazi kukhona ukubona okufihlakeleyo koMoya kaNkulunkulu kweqiniso, isipho solwazi, esibizayo futhi siyakhuluma, futhi Siphelele ngaso sonke isikhathi. Siyaqinisa ukulwela Lokho, lokho kuKholwa okwanikelwayo ngabangcwele kwaba-kanye.

96 Ngiyazi ukuthi kukhona amaphupho, nesisu-sigcwele okwe—okwenyama entsha, noma kugcwele okunye, okukubangela ukuthi ube namaphupho asabisayo. Uyagxuma futhi ulibize ngombono.

97 Kukhona owangempela, umbono wangokoqobo kaNkulunkulu. Kunjalo! UNkulunkulu wakwethembisa. "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Uyakwenza lokho, futhi akwehluleki neze. IBhayibheli lathi, "Uma ekhona phakathi kwenu, ongokamoya, noma umprofethi, futhi makakhulume; futhi lokho akushoyo, uma kufezeka, khona-ke muzweni, ngokuba Nginaye. Uma kungenzeki, ningamuzwa, ngoba ungumprofethi wamanga." UNkulunkulu angeke aqambe amanga. UNkulunkulu ukhuluma iqiniso, ngaso sonke isikhathi. Makube njalo. Manje sithola ukuthi lokho yiqiniso. Kukhona lezozinto ezi . . .

98 Bukani uPawulu, ngenkathi ephandle lapho ngalobobusuku, onke amathemba lalingasekho, udeveli ehleka kuyo yonke injabulo, eveza amazinyo ngasosonke isikhathi lapho amagagasi egxuma phezulu nombani ushaya, "Ngizomcwilisa lowomphostoli phandle lapha," umkhumbi omdadlana, ugcwele amanzi. Futhi izinsuku nezinsuku, izinsuku eziyishumi nane nobusuku, izinkanyezi azizange ngisho zikhanye; nokuthi kanjani lowomkhumbi omdadlana uzanyazanyiswa. Yena ehamba ezungeza, ehudula iketango ngemuva kwakhe, ngokushumayela iVangeli. Haleluya!

99 Futhi asikwazi ngisho ukuvumela noma ubani akhulume ngathi ngaphandle uma sizodingeka sisakazeke njengexoxo isinana lidla inhlamvu yokudubula izinyamazane. Sihlala njalo siqhubeka ngento ethize. Bese-ke sithi siyaqinisa ukulwela ukuKholwa na? ITabernakele likaBranham lidinga okuningi kakhulu ukuba kuqondiswe, kuqala, kanjalo namaPentecostal, namaBaptisti, namaNazarene. Yingalesosizathu singafikindawo, asithembekile futhi asiqotho. Sihlangana ubuso nobuso naleyoNto lapho, lokho kusenza singanyakaziseki, njalo sigcwala kuNkulunkulu, iNkolo eyanikelwa kwabangcwele kwaba-kanye.

100 Inkasa endala iyangena, futhi inkumbi, futhi iyakunqampuna. "Zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule. Awudingi ukwenza *Lokhu*. Awudingekile ukuba wenze *Lokho*."

101 Uma uNkulunkulu aveza igatsha laKhe lokuqala kulowoMvini, kwakuyigatsha lepentekoste, ngamandla, imibono, izambulo, ukuphilisa, ukungcweliswa, uMoya oNgcwele, igatsha elilandelayo lizoba yinto efanayo. Impela lizoba njalo. Ngaso sonke lesisikhathi ku. . . ngaso sonke isikhathi uma lowo Mvini uveza igatsha, lizofana ncamashi njengalelo elalisendaweni yokuqala. Wena. . . Njengoba ngishilo izolo ebusuku, ngikhuluma eqenjini labazalwane: angeke uwuthole umvini wamagilebhisi ukuba uthele amathanga. Angeke uthole umvini wethanga ukuba uthele amagilebhisi. Lelo yiqiniso. Kuyinoma yikuphi ukuphila okuyikho kulowomvini, kuyawuveza.

102 Futhi uma uKristu ekulowoMvini, futhi ukuPhila kukaKristu kukulowo muntu, kuyoba njengoJesu, kuzothela izithelo zaKhe. NguMoya waKhe. Angeke kwenza lutho olunye ngaphandle kokukwenza. Kuzofanele kuveze lokho kuPhila, ngoba ngukuPhila okufanayo. Angeke nje uveze noma yini enye. Kuzokwenza njengaYe. Kuzokhuluma njengaYe. Kuzohamba njengaYe. Kuzophilisa njengaYe. Kuzobona imibono njengaYe. Kuzoveza ncamashi ukuPhila kwaKhe, ngokuphelele, ngaso sonke isikhathi, ngoba KungukuPhila kwaKhe.

103 Uyigobolondo nje. Indoda ifana nepayipi lamanzi nje. Ayisiwo aManzi; iyipayipi nje. Khipha aManzi kuyo, izogqwala. Awu, yileyo inkathazo namuhla. Kunabaningi kakhulu abethu abagqwalayo, abake babanesipiliyoni. Begcina amanzi egeleza, yilokho okugcina ulayini wokuPhila uhamba.

104 Ngezwa umfo eshumayela ngesinye isikhathi, wathi kwakukhona ingulube yesikazi ekuzibhixeni, yenza onke amanzi abewudaka. Into enhle ukwedlula konke. . . IBhayibheli likhuluma ngalokho. Khipha ingulube ekuzibhixeni kwayo. Wehlela ezansi lapho, isiphethu esihle, futhi ezansi lapha ndawo ndawo neziphethu ezinkulu zithululela ngaphandle, phezulu lapho entabeni; amanzi onke anodaka, kungcono ukhiphe izingulube kuwo, ukuze amanzi ezocweba.

105 Kukhona izinto eziningi esizofanele sizikhiphe, ngaphambi kokuba aManzi ezoke aze aphume eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli, lapho izoni zibhukude ngaphansi kwethantala lisusa onke amabala esono, ukungakani kwabo nokuxoxaxoxa, nokunye nokunye.

106 Abefundisi abayishumi nesithupha, ngoba bayakholwa. . . Babecabanga ukuthi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu waligcina iBandla laKhe futhi walondoloza iBandla laKhe. UmBhalo wathi, "Ozwa iZwi laMi," hhayi lowo oshaya sengathi uyaLizwa. Yilowo uNkulunkulu amvule amehlo

akhe nezindlebe, ukuzwa. Akekho umuntu ongakwenza aze uNkulunkulu avule amehlo akhe nezindlebe. "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasayi ekwaHlulelweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yini ezokwenzeka kuye na? Ngabe uNkulunkulu waqamba amanga noma Wakhuluma iQiniso na?

107 Umuntu uqinisile, noma, "O, ungawuthola uMoya oNgcwele futhi usindiswe, futhi kusasa ungalahleka futhi uye esihogweni"? Ungalokothi ukholwe yilowombhedo. Amanga lawo.

108 Ubulokhu uzelwe kabusha, imvelo yakho yonke ilungiswe ngokwehlukile. Uma umuntu eke watshalwa kuKristu, futhi wanaka iMpilo yoMvini wamagilebhisi, uza ngaye, akasophinde athele amathanga nhlobo. Ungahle ubophele owodwa kuye, kodwa uyazi ukuthi kukhona okungalungile. Uzohlala lapho futhi abubule kuze kususwe kuye. Kuyisisindo esiningi kakhulu kuye; kumkhothamisele phansi ngokusondele kakhulu emhlabathini. Uyathanda ukukhula. Ngeke kwalengiswa ithanga eMvinini wamagilebhisi.

109 Qaphelani. O! "Ukulwela ukuKholwa," lokho kwakungukuthi, "ukuqinisa ukulwela." Hhayi nje ukulwela, kodwa, "ukuqinisa ukulwela," phakathi kokuPhila nokufa. Sizogxumela komunye. Ungahlala isikhathi eside kulowo.

110 Into elandelayo esingathanda ukuyisho, ukuthi, uthando lobuzalwane ludliwe emvinini. Uthando lobuzalwane! UJesu wathi, "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningababafundi baMi, uma ninothando, omunye komunye."

111 Awu, manje asithathe isibonelo nje. Uma indoda ingakholwa ngokufanayo njengoba ngenza, ngizohamba ngingene ngqo enhlanganweni yebandle yayo futhi ngishumayele kanye nayo, ngishumayele nje lokho ekukholwayo, futhi ngiqhubekele phambili futhi ngikuyeke kuhambe, ngoba ngiyayithanda. Niyakubazi ngezithelo zabo. Uma bengaKukholwa, futhi bengenalo uthando lobuzalwane, bayayeka, baphikisane, bawe, "Angihlanganise lutho naKho." Kungani ungezi kimi futhi ukhulume nami ngaKho na? Awukwazi engikukholwayo. Niyabo? Kwenza muphi umehluko, empeleni, engikukholwayo na? Kungukuthi Ubani engimkholwayo: UJesu Kristu. Angikaze ngishiye umhlangano, okwamanje, nokunambitha okubi, njengoba ngazi ngakho. Kodwa, niyabo, uthando lobuzalwane lulahliwe lonke.

112 Futhi uPawulu wakubona, abaseKorinte bokuQala 13, wathi, "Uthando lobuzalwane aluqhubeke." Kodwa uthando lobuzalwane selususiwe. Manje bhekisisani. Ngasosonke isikhathi . . .

113 Manje, lalelisisani manje, singena enyameni eqinile. Ngasosonke isikhathi uma udeveli ethatha into ethile

esihlahleni, sizothi ixolo, isinambuzane sinqampuna ixolo, ubeka indwangu endala eyenziwe ngumuntu izungeze, ukuthatha indawo yaLo. Beka indwangu izungeze ulayini wamanzi esihlahla, ayisoze iwathumele amanzi esihlahla phezulu angene ezithelweni zesihlahla. Asisoze sithele noma yiziphi izithelo. Azobuyela phansi emhlabathini. Futhi yingalesosizathu, namhlanje, singeke saba nemvuselelo osukwini lwethu, yimfundiso eningi kakhulu engenakuphikiswa eyenziwe ngumuntu. Ulayini wokuPhila awusoze wahamba ngendwangu endala. Kuzoba ngamanzi esihlahla, ukuPhila kuzoqathakela emuva phansi emhlabathini. Yingalesosizathu izimvuselelo zethu zehluleka.

114 Njengoba uBilly Graham asho ngelinye ilanga, wayeseNgilandi, lapho aba nemvuselelo enkulu khona. Futhi yona kanye indawo lapho ayeshumayela khona, wadingeka athathe umkakhe emapaki ngoba abesilisa nabesifazane behlala ngokungabi nasimilo phandle emapaki. Kwakuyini indaba na? Izindwangu ezenziwe ngumuntu esikhundleni sexolo elihlumiswe nguNkulunkulu. Ayisoze yathwala ukuPhila.

115 Ibandla elisongwe lazungezwa ngesivumokholo esenziwe ngumuntu, alisoze lathumela aMandla kaNkulunkulu phezulu emagatsheni. Liyothi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," futhi Lizowawisela emhlabathini. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kane—Umhl.] Amen. Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyasangana; kodwa, uma ngisangana, ngiyekeni, ngizizwa ngikahle ngalendlela. Niyabo? Lizowisa iZwi likaNkulunkulu.

116 Uma uNkulunkulu ethi lapha, "NgiyiNkosi. Angiguquki neze."

117 "Awu, Uguqukile ngalolusuku," kusho indwangu. IKuwisela phansi. Lapho kwaqala khona ukuqala kwakusonyakeni wasekuqaleni, lapho babengenawo amahlelo, futhi umuntu uzamile ukubuyisela ubuzalwane ngamahlelo. Uthando lobuzalwane lunqunyiwe ngenxa amahlelo.

118 Ngikhombise isikhathi esisodwa lapho uNkulunkulu ake aba nenhlangano noma ihlelo, futhi ake aba neBandla laKhe ehlelweni, noma ake aba nehlelo elake laphakama elingawanga futhi alangaphinde lavuka futhi. Manje, bengikade ngifunda selokhu ngikhuphukele lapho, kuyona kanye lendaba. Ngifunde i*Foxe Book Of The Martyrs*. Ngifunde imibhalo yasekuqaleni kaJosephus. Ngifunde i*Two Babylons* kaHislop. Ngifunde i*Early Ages* ngoPember-man, o, ne*Nicene Fathers*, futhi ngaphambi nje koMkhandlu waseNayisiya, emva kwePentekoste. Futhi akukaze kube nehlelo uNkulunkulu ake alimisa eBhayibhelini. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kane—Umhl.] Khona-ke lapho silimisa futhi senza amahlelo, siphumile entandweni kaNkulunkulu.

119 Inkasa, ebizwa nge "hlelo," inqampuna ixolo lasekuqaleni lothando lobuzalwane, lalihlela, ngokuphatha indwangu yalizungeza. Futhi ukuPhila kukaNkulunkulu kukhuphuka ngqo ngezimpande lapha, iMpande neNzalo kaDavide, lapho Iqala ukukhuphuka ngoMoya oNgcwele; khona-ke ihlelo, lathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Awudingi ukuba ukukhulume ngezilimi namhlanje. Ayikho into ethiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Akukho ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Lokho kwakungokonyaka osewadlula. Sekwadlula, kudala." Futhi nanka amagatsha phezulu lapha, ayahlupheka, izithelo.

120 Esihle, isihlahla esinempilo awudingi ukuba usifuthe. Kungani sisifutha sisiphindaphinda sisiphinda, ngenxa yokonakalisa kwezibungu na? Sikwenzela ini na? Yingoba isihlahla asinampilo. Yini indaba singabi nampilo na? Izivumokholo namahlelo kudle ulayini wokuPhila kuso. Ngokoqobo! IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, adla ulayini wokuPhila kwaphuma esihlahleni, azama ukubambela ihlelo, ukuletha bonke abantu ngaphansi kwezombusazwe. UNkulunkulu akafuni sihlangane ndawonye ngaphansi kwezombusazwe nezivumokholo. Sihlanganiswe ndawonye ngoMoya oNgcwele, okukaNkulunkulu kwasekuqaleni, zidabula zikhiphe isono enhliziyweni yethu, futhi zisenze sonke sibe munye kuKristu Jesu. Lelo yiqiniso, mfowethu. Lelo yiqiniso, dadewethu.

121 Lokho kwaqala eminyakeni yasekuqaleni emva kokufa kukaKristu, futhi uvuko, ngemuva kokufa kwabaphostoli. Eminyakeni engamakhulu amathathu kamuva, bangenisa uMkhandlu waseNayisiya. Yilapho ababumba khona inhlangano yokuqala, okwakuyibandla leKatolika. Kuchaza, *katolika* kusho "umhlaba wonke." Kusukela kwiKatolika, ibandla kuphuma uLuther; kuLuther, kuphuma uWesley; kuWesley, kuphuma iPentekost. Konke kwehle, ukwedlula ngapho okuncane—okuncane, abanye abancinyane, njenge, o, iNazarene, iPilgrim Holiness, njalonjalo, iBaptisti, nakho konke lokho. Bonke baphuma kulokho, kulungile ekuhlanganeni okufanayo, ihlelo. Ngenkathi uNkulunkulu enikeza ibandla isibusiso, noma iqembu labantu, ngokushesha badonsa uthango oluncane ngokukuzungeza, futhi nakhu lapho bethatha khona ukuma kwabo. UNkulunkulu ufuna ukudilizela phansi lonke uthango.

122 Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuya eNtshonalanga. Kwakuyizikhathi zokuhhala inhlabathi phezulu, eKansas, futhi kwakufakwa ukolo lapho. Ngangiwabona lawo makhawa amadala ayengakaze azi lutho ngogandaganda noma—noma yini, noma ukutshala ukolo. Abakwaziyo kuphela ukulusa izinkomo. Futhi sahamba ukuyongenisa izimoto, nokubeka izinkundla zegalufu, nokugqoka lamabhulukwe

amadadlana afika emadolweni ababevamise ukuwagqoka uma bedlala igalofu, nayo yonke leyonto kanjalo. Ngangiwabona lawomadoda amadala nezinde, izinwele ezimhlophe zilenga ngaphansi kwesigqoko sawo, ngiwabona engenisa ababophi nabalimi bakakolo, nento enjalo, anamathelise unyawo lwakhe esihlalweni sehhashi, futhi edonsela phansi isigqoko sakhe. Befaka uthango ngokuzungeza indawo; wayengenakukumela lokho. Wayengazi lutho ngokubiyelwa ngaphakathi. Wayesekuzulazuleni, noNkulunkulu naye uqobo. Izinwele ezimpunga zilenga ngaphansi kwesigqoko sakhe kanjalo; ekhala, izinyembezi. Ezidonsela phansi nje, ethi, "Angeke nje ngazimela lezizinto." Gibela uye ngasekushoneni kwelanga.

123 Nkulunkulu sisize namhlanje sibe nabafokazi abangeke bakumele ukubiyelwa ngaphakathi ngehlelo nezivumokholo, futhi bagibele baye ngase kushoneni kwelanga; nokuKholwa okungenakunyakaziswa, okwanikezwa abangcwele kwabakanye; ngothando lobuzalwane olwahlakaza zonke izivumokholo nezintango, futhi bathi, "Singabazalwane. Simunye kuKristu Jesu. Noma yini uNkulunkulu ayishoyo, sithi 'amen' ngemuva kwaKho." Sinikeze lolohlobo lwamadoda.

124 Ya, izivumokholo! Khona-ke babumba lokho abakubiza ngo—ngoBaba beNayisiya yangaPhambili. Bahlangana ndawonye, kulokhu babumba umkhandlu. Emkhandlwini kwachanyuselwa ibandla eliKatolika, okusho ukuthi "ibandla lomhlaba wonke," kwaxebula onke amabandla amancane ngalapho uNkulunkulu ayesebenza khona, futhi kwabaphoqa bangena ebandleni elilodwa nasenkolweni eyodwa.

125 Babeka inkabi engalweni eyodwa, inkabi kwenye, balengise isiphambano esinomfanekiso kaKristu phambi kwendoda, bayitshele "sange noma . . . futhi ukhothame, ukwemukela inkolo yobuKatolika," noma baqale ukuyisa inkabi eyodwa ngalendlela, nenye ngenye, futhi bamdonse ahlukane phakathi. Bathathe owesifazane futhi bathathe izinwele zakhe futhi bazifake emphongolweni wetiyela, bese bembuze uma engasanga lesisiphambano esinomfanekiso kaKristu; kuphakathi kokuthi uzokwenza, futhi akhothamele inkolo yeKatolika, noma bazokokhela izinwele ekhanda lakhe futhi bamshise. Bababafake ezigxotsheni nakukho konke okunye. Bababafake kulokho abakubiza ngowesifazane oyinsimbi, bacindezele lezo zikhonkwane, bezama ukubenza bange isiphambano esinomfanekiso kaKristu, asingathe lokho abakubiza "ngenkolo yobuKristu," futhi bababagaye bangene ngqo othulini.

126 Abafelukholo bama lapho ngaphandle kokucwayiza esweni lakhe. Wayazi lapho ayemi khona. Wayemazi ayeMkholiwe. Wayekwazi, azi Lokhu, ukuthi uNkulunkulu angamvusa ngosuku lokugcina, ngoba Wakwethembisa. Ngaphambi kokuba akhothame kunoma yiyiphi eyenziwe ngumuntu, indwangu

engcolile endala yolayini bamanzi esihlahla, wayezofela esiqwini. Haleluya!

127 Mangife endaweni efanayo. Uma uNkulunkulu wami engafiki esizukulwaneni sami, ngizofela esiqwini lapho izinkumbi zisidla khona, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu neBandla laKhe neZwi laKhe kuiyafana izolo, namuhla, naphakade. Lingahle lingakwazi ukuveza ngaphandle, kuwo onke lamagatsha, ngoba olayini bamanzi esihlahla abadala phandle lapha, behlelo nesivumokholo, banginqumile futhi bangiqathaza njengezambane elishisayo. Lokho kungahle kube yiqiniso. Kodwa ngizoma ngethembeke esiqwini futhi ngimemeze, ukuthi, "Ihora lizofika, uNkulunkulu uzolibuyisela iBandla laKhe, kuze kube sesimweni saLo sasekuqaleni."

128 Lokhu kungahle kulimaze. Into yesithathu. Angifuni khona. Bukani emunye wolayini bamanzi esihlahla abakhulu ababanqumile. Futhi ngalesisikhathi senhlangano, yilokho okushaye ulayini wamanzi esihlahla, okokuqala nje. Indawo yokuqala, uma bebekade benothando lobuzalwane phakathi komunye nomunye, bebengasoze badinga inhlangano. Futhi khona-ke lapho bebona ukuthi babengeke babe nakho. . .Babengeke babe nothando lobuzalwane, noma babecabanga ukuthi babengenalo. "Labo abalinda eNkosini bayohlumelelisa amandla amasha." Esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu, babenenhlangano.

129 ULuther uyaphuma kuleyonhlangano. Iminyaka engamakhulu amahlanu namashumi amahlanu kamuva, uyaphuma. Wenzani na? Waphenduka ngqo, wenza into efanayo abayenza. Okuphuma lapho ngqo nguCalvin. Okuphuma lapho ngqo nguWesley. Okuphuma ngqo kuWesley kuza amaBaptisti, amaPresbyterian, kwehlele njalo kumaPentecostal. Futhi amaPentecostal, emva kwamaNazarene kuza iPentecostal. Futhi emva kwePentecostal, kuzoba yini na? Ngiyethemba ukuFika kukaKristu. Isizathu, iPentecostal yenze yona kanye into efanayo bonke abayenzile.

130 ISambulo 12 siyasho ukuthi bazokwenza. Laliyisifebekazi, futhi ayeyizifebe. Aye "yizifebe." Ibandla eliKatolika, "lona," lathi laliyi "sifebekazi," eBhayibhelini, i-s-i-f-e-b-e-k-a-z-i. AbaseKorinte bokuQala 12 basho njalo. Futhi bathi, "amadodakazi akhe." Manje, angeke babe ngamadoda. Akazange athi "amadodana akhe." Wathi, "amadodakazi akhe." Amabandla amelwe eBhayibhelini njengabesifazane. Futhi amadodakazi alo ayeyizifebe, niyabona, into efanayo. Hlobo luni na? Awu, kanjani, isifebe na? Ukuphinga ngokomoya ngokumelene neZwi likaNkulunkulu. Bebambelela endwangwini yehlelo esikhundleni sokuma ngeqiniso ngokuKholwa okwanikelwa abangcwele kwaba-kanye, Kuyasho, esikhundleni sokubuyela emuva futhi uthatha iZwi likaNkulunkulu.

131 Ngakhuluma nompristi lapha kungekudala. Wathi, "Anginandaba ukuthi iBhayibheli lithini. Siyibandla."

Ngathi, "*Lelo* yiZwi likaNkulunkulu."

Wathi, "Sikwenzile."

132 Ngathi, "Kungani kuguquke kakhulu kangaka na? Aninayo neyodwa into ebandleni lenu, leyo leliBhayibheli elikushoyo, enikufundisayo." Ngangimtshela ukuthi ngabhaphathiza intombazane eGameni likaJesu Kristu.

Wathi, "Uyazi, ibandla eliKatolika lalivamise ukukwenza lokho."

Ngathi, "Nini na? Kukhona umlando wonke wamabandla, engiwaziyo, ulele khona lapho."

Wathi, "Sikholwa ikhathekizima lethu."

Ngathi, "Uthini ngomlando na?"

133 Wathi, "Asindaba ukuthi umlando wathini. Sikholwa yikhathekizimu."

134 Ngathi, "Wazi kanjani ukuthi kwakukhona uGeorge Washington noAbraham Lincoln na? Wazi kanjani ukuthi kwakukhona obaba abayizihambi na?"

"Ngoba siyawukholwa umlando wethu."

135 Ngathi, "Akukho ndawo lapho ibandla eliKatolika elake lahlelwa khona kwaze kwaba yiminyaka engamakhulu amathathu namashumi ayisithupha emva kokufa komphostoli wokugcina." Ngathi, "Futhi ibandla eliKatolika lalingaziwa. Abazange babhaphathize eGameni likaJesu Kristu, ngoba babeyisisekelo sokuqala impela sokungenisa umbhaphathizo wamanga. Futhi uyi . . . "

136 Wathi, "Awu, manje awume kancane." Wathi, "Sinelungelo. Siyibandla. Senza esikuthandayo ngoba uNkulunkulu usebandleni laKhe."

Ngathi, "UNkulunkulu useZwini laKhe, hhayi ebandleni laKhe."

137 Uma ibandla liphikisana neZwi, khona-ke kukhona okungalungile. "IZwi laMi malibe yiqiniso, nalolonke izwi lomuntu libe amanga." Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. Yenzani iZwi laKhe lilunge. Buyelani emuva eZwini laKhe. Nibone ukuthi inkumbi yadlani na?

138 Manje, ngesikhathi sobaba baseNayisiya basekuqaleni. Gene, uvele wakuthatha nje, futhi. UMkhandlu waseNayisiya omkhulu waveza impikiswano enkulu, ngenxa yokuthi, "Ngabe kwakukhona uNkulunkulu oyedwa noma ngabe kwakukhona oNkulunkulu abathathu; uYise, engoyedwa; iNdodana, ingowesibili; uNkulunkulu uMoya oNgcwele, engowesithathu na?" Futhi bamukela ukuthi kwakukhona "oNkulunkulu abathathu." Manje, uma ungakukholwa lokho, ngizonifundela

khona manje eMkhandlwini waseNayisiya, oBaba baseNayisiya. Bakwenza, "oNkulunkulu abathathu."

139 Munye uNkulunkulu. Munye kuphela. UnguNkulunkulu uJehova, omkhulu UNGINGUYE; u-Alfa, u-Omega; isiQalo nesiPhetho.

140 Banakho manje, ukuze enze lokho, babeyodingeka bathole okuthize ukuba bahambe nakho. Ukuze benze lokho, bazama ukuthi, "uNkulunkulu uYise, uNkulunkulu iNdodana, uNkulunkulu uMoya oNgcwele." Manje, ngokoqobo, ayikho into enjalo. Akusibona oNkulunkulu abathathu. Lobo ubuhedeni.

Kukhona izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. UbuBaba . . .

141 Ngenkathi uNkulunkulu ehlala yedwa, engcwele; imithetho yaKhe, ukulunga kwaKhe kuMenza abengcwele. Wayefuna ukuba umuntu. Wayefuna ukukhonza nomuntu. Wayefuna umuntu akhonze Yena. Wayedingeka eze kumuntu. Futhi ngenkathi Ekwenza, Wadala; wasibekela intombi encane eyaybizwa ngoMariya. UNkulunkulu, uJehova wakwenza, futhi wadala esibelethweni sakhe ingqamuzana, ingqamuzana leGazi. Lelo ngqamuzana leGazi lakhulisa amangqamuzana, futhi kwaletha iNdoda, okwakunguKristu Jesu.

142 UNkulunkulu uSomandla, uBaba, wahlala kuYe. Ngosuku lokubhaphathiza, ngenkathi Emukela uMoya oNgcwele ngosuku lapho uJohane aMbhaphathiza ngalo, UJohane wathi, "Ngabona futhi ngabona uMoya kaNkulunkulu, njengeJuba, wehla uvela eZulwini, nePhimbo lithi, 'Lo iNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo.'" UJesu washo ukuthi uNkulunkulu wayenaYe, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi." Hhayi uJesu, futhi ngokuba munye noNkulunkulu; kodwa uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

143 Futhi nina bazalwane be-Oneness, abaningi benu basukile ngendlela engalungile uma uzama ukucabanga ukuthi uNkulunkulu ungoyedwa njengoba umunwe wakho uwodwa. Angeke abe nguBaba waKhe uQobo. Angeke yena.

144 Kodwa UnguNkulunkulu. UNkulunkulu unguJehova, uMoya; uKristu wayeyindlu Ayehlala kuyo. Futhi khona-ke Wanikela ngalempilo, futhi, ngenkathi Ekwenza, Wanikela ngoMoya. Futhi ngaleliGazi elimsulwa Alichitha, Wangingcwelisa, ukuze Angahle eze kuYe uqobo futhi ahlale kimi nakuwe. Futhi uNkulunkulu unathi. Lowo nguMoya oNgcwele, okungofanayo, yena impela uNkulunkulu ofanayo, uNkulunkulu uJehova. "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza."

145 Yilapho izinkasa ziqala ukudla khona, izinkumbi, zizama ukwenza "uNkulunkulu uYise" ehleli eNkazimulweni,

"uNkulunkulu iNdodana" ehlezi phezu kwesandla esithize sokunene Anaso.

146 Isandla sokunene sikaNkulunkulu, lapho iBhayibheli lathi, "Ngabheka phezulu futhi ngabona uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu," uFiliphu, noma uStefanu ngenkathi ekhandwa ngamatshe. Akusho ukuthi uNkulunkulu unesandla sokunene, noJesu umile phezu kwesandla saKhe sokunene. Kusho ukuthi Usesandleni sokukunene saMandla, igunya. "Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe kiMi," kwasho uJesu. Wayesegunyeni. UNkulunkulu wayekuKristu. Uku—kuYe. IBhayibheli lathi, "KuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Uma uzama ukwenza oNkulunkulu abathathu ngabodwana, ungumhedeni njengoba umhedeni engaba njalo.

147 Manje, lokhu kuzoncinza. Okwesine. Ngenkathi babenonkulunkulu abathathu, babedingeke bamele umbhaphathizo wakhe, wonkulunkulu babo abathathu, ngakho-ke udeveli waphuphuthekisa amehlo abo, kuMathewu 28:19, "Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Nibafundise ukugcina konke eNgikwenzile. Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Udeveli waphuphuthekisa amehlo abo kuLokho.

148 Manje kubambeni lokho. Manje nakhu lapho engifanele ngishayele isipikili khona, futhi kuzolimaza, kodwa ngifuna nilalele. YiQiniso. Nkulunkulu siza ukuba . . . Hlolani nje imiBhalo. Tholani eBhayibhelini lapho noma ubani ake wabhaphathizwa eGameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," tholani indawo eyodwa noma ubani owake wabhaphathizwa. Bukani, wena uthi, "Udeveli anga . . ." Udeveli uthatha lowomBhalo futhi aWenze ubukeke njengento Ongesiyo.

149 Akashongo yini into efanayo kuJesu na? "Kulotshiwe, 'Uyoyaleza iziNgelosi zaKhe, ngakho, funa Uqhuzuke ngonyawo lwaKho etsheni.'" Akaqhuzukanga ngonyawo lwaKhe etsheni. Kodwa udeveli wayezama ukuMenza abone into ethile imiBhalo engayishongo.

150 Wayesmati. Wayegcwaliswe ngoNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuYe. Futhi uNkulunkulu, ekumuntu, uzokwenza isambulo saKhe saziwe. Impela.

151 Ngizoniyisa kuMathewu 28:19, "Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele."

152 Manje bhekisisani ukuthi abobuthathu abanamandla abavela ebandleni eliKatolika . . . Akukaze kube seBhayibhelini, akukaze kube sesivumwenikholo sobaba bangaphambi kweNayisiya, obaba bangaphambi—ngaphambi kweNayisiya.

Babe, bonke, babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, bonke. Kufika ngebandla eliKatolika, kuvela lapho kuphume kungene ebandleni lamaProtestane.

153 Manje, ungakubona kanjani ngaphandle kokuthi uNkulunkulu avule iso lakho na? Awukwazi. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzovula amehlo enu kuLokhu. Futhi lalelisisani manje.

154 Manje ngizothatha umBhalo wakho, uMathewu 28:19, "Hambani, nifundise zonke izizwe, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele."

Wena wabhaphathizwa kanjani, "Egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele"? Lokho akulotshiwe ngisho emBhalweni. Futhi ngifuna indoda ethile . . .

155 Wena uthi, "Uziqu zintathu ongcwele obusisiwe." Ngitholele igama elithi "uziqu zintathu" nomaphi emakhasini eBhayibheli likaNkulunkulu. Icebo elenziwe ngumuntu, indwangu yebandla engcolile endala isongwe yazungeleza, ukuthatha indawo yoMugqa wamanzi esihlahla kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Akukho-nto enjalo. Ayikho into enjalo. Kuthole bese uza kimi. Ubophezekile ukuthi ukwenze, njengomKristu, uma ukuthola. Akukho emiBhalweni eNgcwele kaNkulunkulu. Futhi u "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele" kufukanyelwe kuvela esihogweni, ayikho into enjalo njengoNkulunkulu abathathu.

156 Manje, ngiyakholelwa ebuBabeni bukaNkulunkulu. Ngiyakholelwa ebuDodaneni bukaNkulunkulu. Ngiyakholelwa esimiselweni sesikhathi sikaMoya oNgcwele sikaNkulunkulu. Kodwa KunguNkulunkulu ofanayo kuso sonke isimiselo sesikhathi, hhayi oNkulunkulu abathathu.

157 Manje, "EGameni likaYise." IBhayibheli alizange lithi, "Hambani nibhaphathize egameni likaYise, igama leNdodana, igama likaMoya oNgcwele." Wathi, "Hambani nibabhaphathize," kwasho uJesu, ebuka emuva, "iGama likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Hhayi "igama likaYise, igama leNdodana," lokho bekuzobenza babe ngumuntu ngamunye, kodwa aKunjalo. "EGameni likaYise, futhi . . ." U*futhi* isihlanganiso, nesihloko sabo esifanayo. "EGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele." Hhayi "egameni likaYise, igama leNdodana, igama likaMoya oNgcwele." Kodwa, "EGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Niyabo? Manje bukani.

158 Nakhu kumi abaphostoli abagcotshiwe benyukela ePentekoste, ukwemukela uMoya oNgcwele. Bahamba baqonda ngqo ePentekoste futhi bemukela uMoya oNgcwele. Manje, iBandla liyagcotshwa, sizokwenzenjani na? Into yokuqala iyaphuma, isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo sizofanele senziwe. Udokotela Simoni Petru uzofanele abhale isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo kokuqala, ngoba

uJesu wamnikeza ipeni. "Ngikunika ukhiye, Petru. Noma yini oyibophayo, leso sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo osibhala lapha emhlabeni, ngizosimukela eKhemisi. Bhala lokhu, futhi Ngizokwemukela."

159 Benzani na? Ngenkathi abantu bezwe wonke lomsindo ulethwa ngaphezulu kanjalo, bathi, "Kusho ukuthini lokhu na?" Abanye, bekhuluma ngezilimi. Bathi, "Sizwa imisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu."

160 Wathini uPetru na? "Phendukani, yilowo nalowo kini, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele."

161 Manje benzani na? Banezela "uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele" lapha, okungangeni esiThakweni somuthi nokusetshenziswa kwawo. Kunjalo. Yini enye abayinezelelayo na? "Awufanele uphume futhi uziphathe njengoba benza. Akukuniki injabulo namandla, nokukhuluma ngezilimi, nazo zonke lezizinto. Awudingekile ukuba nakho. Yenza ukuvuma kwakho nje, xhawula." Lokho elinye ilumbo elinophoyizeni likadeveli. Uma kwabenza baziphatha kanjalo ngenkathi bethatha uMuthi, kuzokwenza wena uziphathe ngendlela efanayo. Thatha isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo saKhe ngokuyikho ngqo.

"Okushiywe yisibotho, inkasa ikudlile."

162 Manje khumbulani, uma engakaze abekhona umuntu owake wabhaphathizwa, eBhayibhelini, nganoma iyiphi enye indlela ngaphandle kweGama likaJesu Kristu, amaJuda nabeZizwe, nabangaphandle nakho konke okunye, bonke babefanele beze futhi babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Ngiphonsela inselele noma yimuphi umuntu ukuthi angikhombise lapho umuntu oyedwa ake abhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," noma okweminyaka engamakhulu amathathu emva koku—kokufa komphostoli wokugcina. Ngani, kucacile kuneminwe yami eyishumi phambi kwami. Angeke ukubone aze uNkulunkulu avule amehlo akho. Awu, lokho, uma leso kungesiso isambulo esikahle, khona-ke kungani uPetru, wayenesambulo esifanayo, uyaphenduka ngqo . . . Izinsuku eziyishumi emva kokuba uJesu amtshela, "Hambani nibhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele," uPetru waphendukela emuva ngqo, wathi, "Bhaphathizwani eGameni likaJesu Kristu, nonke." Khona-ke lesi kufanele kube isambulo esifanayo ayenaso. Futhi ibandla phandle ngaleya, futhi lizoba nguziqu-zintathu, bathole isambulo esingalungile, khona-ke abasebenzisi uLayini wamanzi esihlahla. Bathathe indwangu futhi bayisongela lapho, futhi iwisa ukuPhila kukaNkulunkulu phezulu lapho. Izobulala isiguli! O, zingaki

ezinye izinto ebesingaya kuzo, ezivumwenikholo zenu nezinto, okukwenzile!

163 Mangicacise lokhu okuncane okukodwa. Ngifuna ningene futhi nithathe amaBhayibheli enu umzuzu nje, ngakho-ke sizokwenza nje kube lula kakhulu abantwana bayaLiqonda. Phenyani kuMathewu, isahluko 1. Ninaye uMathewu 28:19. Yanini kuMathewu, isahluko 1, ivesi 18.

164 Bukani lapha. Ngifuna nibukisise. *Lona* nguYise, ngakwesobunxele sami. *Lena* yiNdodana, phakathi nendawo. *Lona* nguMoya oNgcwele, ngakwesokudla. [UMfowethu Branham usebenzisa izinto ezintathu ukufanekisa—Umhl.] Manje, Ubani uBaba kaJesu Kristu na? UNkulunkulu, uBaba. Ngabe kunjalo na? Nonke niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."] Impela ngiyakukholwa. UNkulunkulu, uYise, nguBaba weNkosi uJesu. UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

165 Manje ngicaphuna umBhalo. Bukani. Ungawubheka uma usuya ekhaya, noma uwubheke manje. "Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanje," uMathewu 1. Bukani lapha. Njengoba ngihlale ngisho, uma ufunda ibhuku lezindaba, futhi ufunde ngapho emuva, uvele nje ucoshe uMathewu 28:19 kanjena, ebhuku lezindaba, "UJohn noMary bahlala ngokujabula kanjalonjalo kamuva." Ubani uJohn noMary na? Buyela emuva ekuqaleni kwencwadi bese uthola ukuthi ungubani uJohn noMary, uma Athi, "Ngalokho hambani nifundisa izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise."

166 Ngifuna ukunibuza okuthile. Ngabe "uYise" igama na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Impela akulona. EGameni le "Ndodana," ngabe "iNdodana" igama na? ["Qhabo."] Yisiqu, njengokuthi "Baba." Ngabe "uMoya oNgcwele" igama na? ["Qhabo."] Qhabo, yisiqu. UMoya oNgcwele yilokho oYikho.

167 Wena uthi, "UMoya oNgcwele yibizo." Kanjalo ungu*muntu*. Niyabo, ngingumuntu, kodwa igama lami angisuye u "umuntu."

168 Yilokho eLiyikho. NguMoya oNgcwele. Lokho akusilo iGama laWo; yilokho oYikho. Khona-ke uma "uYise" kungesilo igama, "uMoya oNgcwele" akusilo igama, futhi "iNdodana" akusilo igama, khona-ke kwakungubani iGama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele"? [Ibandla lithi, "INkosi uJesu Kristu."—Umhl.] Impela! Impela! Manje, niyabo, "uYise" akusilo igama.

169 UJesu wathi, "Hambani nibabhaphathize eGameni likaYise, leNdodana, likaMoya oNgcwele." UPetru waphenduka wajika, wathi, "YiGama lika 'Jesu Kristu.'" Manje, yilokho inqubo abayilandela kulo lonke iBhayibheli.

170 Manje benzani na? Yini abahumushi babo, noma amadoda ebandla akwenzile na? Zenzeni izinhlangano na? Asonge indwangu yehlelo endala yazungelezela, ukuze bezothandwa kanye nabo bonke. Uma ngizodingeka ngidle amakhekhe kasoda

futhi ngiphuze amanzi engatsha, futhi ngifele ukholo, ngizomela iQiniso likaNkulunkulu futhi ngifele esiqwini. Kunjalo. Akekho muntu, uphapha waseRoma, noma akukho mbhishobhi noma ukhadinali, ongamelana naLokho. Yebo, mnumzane. Yini indaba na? Okushiywe yisibotho, okushiywe yiMethodisti, iBaptisti ikudlile. Okushiywe yiBaptisti, iPentecostal ikudlile. Indawo enjena—enjena—enjena pho! Olayini beMpilo bonke abasekho. (Lokhu yinto encane nje.)

171 Manje, Ubani u "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele"? "Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele." "UYise" akusilo igama, "iNdodana" akusilo igama, "uMoya oNgcwele," akusilo igama.

"Yiliphi iGama okhuluma ngalo na?" Awu, lokho kufana noJohn noMary, asibuyele emuva ukuthola ukuthi kwakuyini.

"Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanje. Ngenkathi umama waKhe uMariya esemiselwe uJosefa ngaphambi kokuba yena . . . Bengakahlangani, wafunyanwa enoMntwana ka" (ini?) "kaMoya oNgcwele."

172 Ngicabange ukuthi nithe uNkulunkulu wayenguBaba waKhe. Angaba kanjani uNkulunkulu uuBaba waKhe, noMoya oNgcwele abe nguBaba waKhe na? Manje niyabo, nina boziqu-zintathu, futhi nimpongolozela i-Oneness na? Ibhodwe ngeke libize iketela ngokuthi linamafutha. Bukani lapha. Qhabo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

173 U "Yise." Washo, ukuthi, "Ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanjena. Ngenkathi umama, uMariya, emiselwe uJosefa, bengakahlangani, watholakala enoMntwana kaMoya oNgcwele." Khona-ke, "UNkulunkulu uYise" wayengahlanganise lutho nakho na? Uma—uma uNkulunkulu uYise, noNkulunkulu uMoya oNgcwele, kungesiye uMuntu ofanayo, khona-ke uJesu wayenobaba ababili, futhi uMsindisi wethu wayengumntwana wesihlahla, ezalwa nemimoya emibili eyehlukene, noma ngemimoya emibili eyehlukene. "Ukuzalwa kukaJesu Kristu kwakungukuthi, Yena wakhulelwa ngoMoya oNgcwele." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke uNkulunkulu uYise, noMoya oNgcwele, nguMoya ofanayo, noma Wayenobaba ababili.

174 "Konke lokhu kwenziwa, ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngumprofethi weNkosi, ethi, 'Bheka, intombi iyakuba noMntwana, futhi iyakuzala uMntwana, futhi ba . . . iNdodana, futhi bayakubiza iGama laYo'" (*lona* nguYe) "'JESU, ongu-Imanuweli,' okungukuthi, ngokuhunyushwa . . . " Ini na? [Ibandla lithi, "'UNkulunkulu unathi.'"—Umhl.] Khona-ke ubani iGama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele"? ["INkosi uJesu Kristu."] Impela. "Igama laKhe liyakuthiwa"

["'UJESU,'"] "ngokuba Uyakusindisa abantu baKhe ezonweni zabo."

175 Manje, ubani "uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele"? INkosi uJesu Kristu. Ubani iGama laKho na? Akusilo igama... "uYise" akusilona igama, "iNdodana" akusilona igama, "uMoya oNgcwele" akusilona igama. Kodwa uJesu Kristu yi "Nkosi uJesu Kristu," okunguYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu zibonakaliswe enyameni, kuMuntu oyedwa. Haleluya! Mfowethu, lelo yiQiniso. Ngakho ngisize, Nkulunkulu, ngiyoma oSukwini lokwaHlulelwa kuLokho.

176 Yenzeni inkasa na? InoNkulunkulu uBaba phezulu eZulwini, uNkulunkulu iNdodana ehlezi phezulu *lapha* esihlalweni sobukhosi, noNkulunkulu oHo-... Akumangalisi sengeke sifike ndawo!

177 UNkulunkulu uphakathi kini, kanye nani. "Ngiyakuba nini, Ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza," kungesiye omunye uMuntu, kodwa uMoya oNgcwele ofanayo, uMuntu ofanayo, uNkulunkulu ofanayo. UJesu, iNkosi uJesu uqobo lwaYo, yayiyiTabernakele lapho uNkulunkulu ayehlala kulo, ukuze Azibonakalise, ngoba WayenguMoya. WayenguMoya.

178 Manje, uJesu wayengesuye oPhakade. UNkulunkulu uPhakade. UJesu manje uPhakade ngoba uNkulunkulu uthathe uMzimba.

179 Kwake kwabakhona isikhathi, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngangiPhakade. Ngenkathi uNkulunkulu ecabanga ngami, ngacatshangwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, igama lami lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, kanjalo nelakho, ngaphambi kokuba kube khona uhlamvu olulodwa lwesihlabathi. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiBhayibheli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki abaziyo ukuthi uNkulunkulu ufaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe na? Khona-ke, ekucabangeni kukaNkulunkulu, sazalelwa ngqo ngaleyonkathi eMbusweni waKhe.

180 Ngelinye ilanga kufika umzimba ngomshado ongcwele, ubaba wami nomama. Futhi bangizala, futhi nakhu ngiyafika, uWilliam Branham, ngimelwe emzimbeni wenyama. Manje ningazi njengoWilliam Branham, indoda. UNkulunkulu wangazi njengoWilliam Branham, umcabango engqondweni yaKhe uQobo, futhi isisho.

181 Yini izwi na? Izwi umcabango ozwakalisiwe. Ngenkathi Ekhuluma futhi wathi, "Makeze," ngiyafika. Lapho ethi, "Makeze futhi," ngizoza futhi. Yebo, mnumzane. Futhi ngakho, niyabo, umcabango; izwi umcabango ozwakalisiwe.

182 UNkulunkulu usevele ulinikezile iZwi, ukuphela kwento umcabango waKhe owawuyiyo, futhi Ukuzwakalisile. Ngenkathi Ekuzwakalisa, kwenzeka. "Makube khona," futhi kwabakhona. Nango uNkulunkulu, onamandla onke, onamandla onke, uJehova usomandla. Manje Umelwe.

Umyalo manje, ukufeza lokhu, badingeka bathole umbhaphathizo wamanga ukwenza lokhu.

Niyabo, kufihliwe. Izwe alikuboni, futhi angeke kubonwe.

183 Manje bhekisisani, ngenkathi sisenesikhathi esanele okwamanje uku—ukuvala futhi sibe nomugqa womkhuleko. Kulungile. Ngibe mude kunalokho ebengicabange ukuthi ngiyoba yikho, kukho. Umzuzu nje manje, nginokunye okunye engifuna ukunitshela khona.

184 Ngakho-ke, "UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele" nguNkulunkulu weqiniso oyedwa. UneGama elilodwa. IGama laKhe nguJesu Kristu. Wazalwa enguKristu iNkosi ngenkathi Ezalwa. Yena, u*Kristu*, kusho "Ogcotshiweyo." I*Nkosi* kusho "ubunikazi." Wayengu "mnikazi" ne "Nkosi." Futhi khona-ke uNkulunkulu wehla futhi wahlala kuYe, okwaMenza kokubili uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele; u-Alfa, u-Omega, isiQalo nesiPhetho; OwayeKhona, OKhona, futhi OZayo; iMpande neNzalo kaDavide, kokubili iMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yoKusa, owokuQala nowokuGcina. NguYe. O!

185 "Okushiywe yisibotho." Ungakhonza kanjani ngaphandle uma wazi ukuthi ukhonzani na? Ungaba kanjani ngowokomoya ngaphandle uma unoMoya oNgcwele okuwe na? Uma nonke niboshwe ngesigejane sezivumokholo zebandla, sizonenza nenze njengabantu bebandla, ne—nesithunzi nenkolo, nezinto ezinjalo. Konke lokho kuhle, izenzo zokulunga.

186 Kodwa, mfowethu, ufanele uzalwe kabusha ngoMoya oyiNgcwele wangoqobo ofika kuphela ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi iZwi likaNkulunkulu leqiniso, uma Liza lingene kuwe, Lizobonakalisa iQiniso. "Yena, uMoya oNgcwele, Uzoza. Uzofakaza ngaMi. Uzobonakalisa iQiniso. Uzothatha izinto enginikhombise zona, anikhombise izinto engizishilo, futhi uzonikhombisa zona. UMoya oNgcwele uzokwenza." Lokho Azokwenza, naNguya.

187 Okushiywe yisibotho, inkasa iyakudla. Futhi okushiywe yiKatolika, iLuthela iyakudla. Futhi okudliwe yiLuthela, ekushiyile, iMethodisti iyakudla. Futhi okushiywe yiMethodisti, iPentecostal ikudlile. Kuyephi na? Sonke lesisibumbatha sesono, zonke lezizinto, izifundiso, ezinye izinto esingazisho, o, he, ukuxhawulana, ukufafaza ngamanzi.

188 Ubani owezwa ngokufafaza na? Ngikhombise khona eBhayibhelini. Ubani owezwa ngokuthela amanzi na? Ngikhombise khona eBhayibhelini. Umbhaphathizo uza, igama *baptizo*, elisho uku "ngcwatshwa nokumbozwa." Kunjalo.

Lelo yiQiniso leZwi likaNkulunkulu. O, sibe nesikhathi, besingaqhubeka siqhubeke ngezinto ezingamanga.

189 Ngisho lokhu, bantu bami abathandekayo. Ngilaleleni. Ngizoma nani ngelinye ilanga ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngiyodingeka ngiphendule. Angisoze ngaphendula kwesivumokholo. (Ngakho-ke ngisize, Nkulunkulu!) Ngiyophendula eBhayibhelini. Leyo yiNcwadi engiyoma ngayo.

190 Akukho ndawo eBhayibhelini lapho abake bamukela khona uMoya oNgcwele ngaphandle kokuba namadlingozi, ukukhuluma ngezilimi, nokumemeza, nezindumiso zikaNkulunkulu, neziprofetho, nezibonakaliso. Abazange nje bakhuphuke futhi baxhawulana nomshumayeli base bayasuka bayahamba.

191 Akukho ndawo eBhayibhelini abake bemukela, abake babhaphathizwa, ngaphandle kokubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu.

192 Akukaze kube khona indawo eBhayibhelini abake bafundisa khona uziqu-zintathu. Kwakuhlala njalo kungu "Nkulunkulu oyedwa." "Yizwa, O Israyeli, NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho, uNkulunkulu munye! Ungabi nabo abanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi. NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho." Hhayi uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele, kodwa "NginguNkulunkulu!" Phakade, UnguNkulunkulu! Ubeyilokhu enguNkulunkulu. Uyohlala enguNkulunkulu njalo.

193 Futhi uma ihlelo lizokuqathaza, uma uza ebandleni futhi uzame ukukhombisa uthando lobuzalwane, ngisho nangamahlelo abo, ukuzama ukucosha nokusindisa ongakwazi, ubadonse, uvumele uNkulunkulu akuthathe konke. Futhi ngenxa yokuthi umi emaQinisweni eBhayibheli, bayakuxosha. Angeke kwaba yilutho ngaphandle kweqhinga eliyihlazo likadeveli, ukuthola abantwana ekungeneni ukuzobona umhlangano nokusindiswa. Kunjalo.

194 Nanto iDwala eliqinile leZwi likaNkulunkulu. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Ngizothatha noma yimuphi umuntu, noma nini abafunayo, futhi ngihambe nabo ngothando lobuzalwane, futhi ngifuna nina ningikhombise into engiyishilo engesilo iQiniso leBhayibheli. Yebo, mnumzane. Yiqiniso. Manje, ngoba ungaLimela, uxoshiwe. Ngikulindele ukuba kube ngaleyondlela. UNkulunkulu washo ukuthi kuyoba ngaleyondlela.

195 BaMenza indlela efanayo. "Ukuthole kuphi ukufunda kwakho na? Yisiphi isikole Owaphuma kuso na? Uyini Wena, umFarisi noma UmSadusi na?" WayeyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo, Akathathanga zinhlangothi nangoyedwa wabo.

196 Ngakho-ke ngisize, Nkulunkulu, ngivumele ngibe nobuhlakani obenele, mangibe nomgomo owanele, mangibe nobudoda obenele, mangibe nguKristu ngokwenele, ukuba

ngime ngedwa (uma ngimi, ngifanele ngime ngaleyondlela) futhi ngikhulume iQiniso, futhi ngime. Yebo, mnumzane. Ngingamane ngishumayele iVangeli kubantu abayisihlanu, ngibe nezigidi ezizwayo. Ngikhuluma iQiniso. Angikaze ngixegise. Bengifuna lokhu, ngoba uNkulunkulu ungitshelile ukuthi lezizibonakaliso ezinkulu nezinto ezikhiqiziwe, njengokubonakaliswa kokuvuka kwaKhe, nokunye nokunye, ngokweBandla. Labo bantu abampofu laphaya, futhi baboshelwe kulezo zivumokholo nezinto, bafunzwe kakhulu, njengokugqumisa.

197 UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho. Ngeke ngikushiye kuleso simo. Ngizokutshela ukuthi uNkulunkulu uthe, "Kodwa ngiyobuyisela kuwe konke lokho inkasa ekudlile, konke lokho okudliwe yinkumbi, konke lokho okudliwe isibotho. Ngizobuyisela, kusho iNkosi!" Ngakho ngisize, ngenza lesisiprofetho. Ngaphambi kokuFika kweNkosi, ukuKholwa kobuphostoli kweqiniso, ukuFundisa kobuphostoli beqiniso, uMoya weqiniso weBhayibheli, iqiniso, Lisendleleni yaLo manje, lizama ukudla indlela yaLo iphele, iphinde ikhule futhi.

198 IPentecostal yayinakho, kwasekuqaleni. Benzeni na? Kwadonsa amaxolo amancane ngakuLo, ukuqala ukukhetha. Futhi WaLinquma khona lapho. Kunjalo impela. Nakhu kufika ngapha, ngenkathi iNkosi ithumela lezizipho, izipho ezincane ezithobekile Anginikeza zona. Babelokhu beza, bafuna mina ngibe yimvula yakamuva ethululekayo; kwenziwe inhlangano ngalokho. Ufuna mina ngijoyine i-Assemblies.

199 Ngike ngama ngqo phakathi kwalo lonke igatsha elilenga phandle lapho, khona lapha esiqwini sesiHlahla, futhi ngithi, "Lesi isiSekelo. Sikani labolayini bezindwangu abadala lapha, ukuze ukuPhila kuzongena kini, khona-ke nizoba neziprofetho, nizoba nokubona okufihlakeleyo, nizoba noMoya, nizoba namandla. Nizoba nokubuyiselwa kweBandla leqiniso, lapho senibuyela emuva eMvinini weqiniso nokuPhila kweqiniso."

200 Angeke kufike ngendwangu eKuwisele phansi ngqo, futhi uthi, "Kwakungolunye usuku. Ngolunye usuku." Kuhlala njalo kufana. Ungu-Alfa no-Omega; isiQalo nesiPhetho. Ngokoqobo. Uzofanele ubuyele emuva esiSekelweni, ngokuba, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, futhi amasango esihogo angeLahlule."

201 UNkulunkulu anibusise, bangane. Ngiyazi nicabanga ukuthi ngithi ukuba nomsinjwana kancane, ukuphuma kancane ohlelweni, kodwa anginjalo. Ngicabanga ukuthi ngisohlelweni neZwi.

202 U—uMoya kaNkulunkulu ulapha, uMoya ofanayo owaloba iBhayibheli. Uma uMoya owaloba iBhayibheli, uzothi "amen" njalo uma iZwi leBhayibheli likhulunywa. Uma, *lapho*, wonke umuntu wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, uMoya weqiniso kaNkulunkulu uzothi, "Amen. Lelo yiQiniso." Futhi

iBhayibheli lathi, "UJesu Kristu, nguyena izolo naphakade," "Ngiyakuba nani, Ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," uMoya weqiniso kaNkulunkulu uzothi, "Amen." Futhi uma lowo kunguMoya weqiniso kaNkulunkulu, khona-ke amandla eqiniso nezibonakaliso zikaMoya zizozibonakalisa qobo lwaZo ngaloMoya weqiniso. Yahlulelani iZwi enilizwayo. Lahluleleni ngeBhayibheli. Bhekisisani izenzo zaLo. Bhekisisani imisebenzi yaLo.

203 Ngabe bakhona abazongena lapha ukuba babhaphathizwe, ongakaze abhaphathizwe, ofuna ukubhaphathizwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

204 Uma kungekho ukubhaphathiza ngalenkathi, kulungile, khona-ke sizokhulekela abagulayo. Ngabe ukhona noma ubani lapha ogulayo na? Phakamisa isandla sakho, ufuna ukukhulekelwa. Bangaki lapha abayizihambi phakathi kwethu, futhi abafuna ukukhulekelwa; Anginazi, futhi ngingongaziwa, anginazi? Kulungile. Abagulayo nabahluphekile, anginazi.

205 Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, uma EnguNkulunkulu weZwi engilishumayelayo; uJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza." Ngabe kunjalo na? UJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza. Neziningi kunalesi niyozenza, ngoba Ngiya kuBaba." Kwakuyini na? Uphendukela kuMuntu, umzimba, ubuyele eNsikeni yoMlilo futhi. Ngenkathi uPawulu ehlangana naYe endleleni eya eDamaseku, Wayeyini na? INsika yoMlilo. Kunjalo? Impela kwakunjalo. Uyini Yena namuhla na? Uyini Yena ku *leso* sithombe na?

Wena uthi, "O, unga*kusho* lokho, Mfowethu Branham."

206 Uma lokho ngokweqiniso kuyiqiniso likaNkulunkulu, uma kuYiNsika yoMlilo efanayo, uJesu Kristu ofanayo, ngibiza uMoya waKhe ukuba ungene kimi, Uzokwenza into efanayo Ayenza. Uzovumelana nalo lonke iZwi Alisho, akunandaba ukuthi zivumokholo zini amahlelo azozisho. Kuzokhuluma iZwi laKhe. ALikhuluma.

207 Ukungakholwa kwabo akuMmisanga. Izivumokholo zabo nehlelo, Akazange athathe uhlangothi nanoma yimuphi wabo. Washumayela iVangeli elimsulwa Ayelizwe livela kuNkulunkulu. Wama yedwa. Impela, Wakwenza. EKalvari, kwakungekho ngisho noyedwa owayemi ngakuYe. Wama yedwa.

208 Uma ufika kunoma yini, uzomela uNkulunkulu, uzoma wedwa. Nguwe! Akusilo izwe, akusilo ibandla lakho, akusilo ihlelo lakho. Nguwe, phakathi kwakho noNkulunkulu. Anginandaba ukuthi i . . .

209 ITabernakele likaBranham bengenza lokho abakufunayo. Ngifuna bakholwe nguNkulunkulu; Ngifuna bafike. Kodwa uma bengafiki, angizukuxegisela nabo ezintwanyaneni zabo ezincane. Ngizomela uNkulunkulu.

210 "IMethodisti. Uzokwenzenjani, Mfowethu Branham na? A—amaPentecostal kaziqu-zintathu na?" Ngafakazisa ukuthi ngiyabathanda. Ngiyile kubo, futhi ngathumela kuma-Assemblies of God nasebandleni likaNkulunkulu.

211 "Futhi uma i-Oneness, uphikisana ne-Oneness ngenxa yokwabo 'okukodwa' ukuma, kanjalo." Yebo, mnumzane. UJesu wayenaye uYise. WayenguNkulunkulu. Babhaphathiza eGameni lika "Jesu." Ngibhaphathiza eGameni le "Nkosi uJesu Kristu." Baningi oJesu, kodwa iyodwa kuphela iNkosi uJesu Kristu. Niyabo? Hhayi eGameni lika "Jesu." Kodwa eGameni "leNkosi uJesu Kristu," lowo nguYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

212 *Nkosi*, "INkosi yathi eNkosini yaMi, 'Hlala ngakwesokunene.'" Ndodana, u*Jesu*. *UKristu*, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu, ekuqaleni. UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Nakho lapho okhona.

213 O, ngijabule kakhulu ngakho! Inhliziyo yami nje iyathokoza! Futhi ukwazi ukuthi uMoya waKhe, uMoya owaloba iZwi, uvumelana neZwi, ufakazela ulayini wokuPhila. Uyangena, uyazibonakalisa qobo lwaWo. UNkulunkulu abe nani. NguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Ngikhulume iQiniso ngeZwi laKhe.

Manje nina, bantu betabernakele, ngiyanikhulekela ngezinye izikhathi. Sesishiywe isikhathi. Ngithe ukwedlula kancanyana, ngagijima ngedlula kancanyana. Bengilindele isigejane ukuba sibhaphathizwe.

214 Bukani. Uma uMoya oNgcwele ulapha, sizo...Uzo—Uzoniphilisa. Ngifuna labobantu abayizihambi emasangweni ethu, o—ogulayo nohluphekile. Futhi manje uma ngikhulume iQiniso ngoNkulunkulu, nalababantu bekhulume iqiniso, ukuthi angibazi, futhi bayagula futhi bahluphekile; uma uMoya oNgcwele uhlala ufana, Angembula kimi. Uma lowo kunguMoya oNgcwele ofanayo, futhi Uxhumene nesiqu esifanayo phansi *lapha* lokho izinkumbi ezikunqampunile, kodwa kukhona uphisi omncane wexolo owehlela phansi *lapho*, ihlanganisa lokhu ndawonye, uzosebenza njengoba wenza ezansi lapho.

215 Izivumokholo zebandla zizothi, "O, lokho akulungile. Lokho kungukufunda umqondo. Lowo ngu—ngudeveli. Lokho ngukubhula."

216 Basho okufanayo ngaYe. "Uma bebiza uMninindlu ngo 'Belzabule,' bababiza kakhulu kangakanani abafundi baKhe na?" Kunjalo. Noma kunjalo lokho akukumisi. Lokho nje kuyakwandisa nje, kukwenza kuqhubeke.

217 Manje, ngabe UsenguNkulunkulu na? Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Ngabe Uyalihlonipha iZwi laKhe na? Uyalihlonipha.

218 Futhi ngiyaniphoqelela nonke, uma ningakaze nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, bhaphathizwani eGameni likaJesu Kristu. Anginandaba ukuthi indwangu endala yesonto ithini. Lelo yihle-. . .

219 Futhi ngazi amadoda engiwalethe ngqo ekutadisheni kwami, futhi ngitadishe. Ngasemadodeni alungile, bengingathi, "Wozani lapha umzuzu. Ngikhombiseni lapho enabhaphathizwa egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,' uma lokho kungokomBhalo."

220 Futhi uma evinjezelwe, uthi, "Ngiyakwazi, Mfowethu Branham, kodwa unganikeli lokhu kimi." Niyabo?

221 Ngathi, "Sekela imfundiso yakho, ngikhombise lapho eyodwa. Wonke umuntu eBhayibhelini, ba . . . "

222 Abanye babhaphathiza, ngaphandle kwegama kwasanhlobo, badingeka beze futhi baphinde babhaphathizwe, ngaphambi kokuba bathole uMoya oNgcwele. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UPawulu wadabula emaphandleni angasenhla ase-Efesu, wathola amaBaptisti. Babenokahle . . . Babenomelusi okahle. Wayengummeli ophendukile, u-Apolo. Futhi wathi kubo, "Namamukela uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

223 Bathi, "Asazi nokuthi ukhona uMoya oNgcwele."

224 Wathi, "Khona-ke nabhaphathizwa kanjani na?" Kuthi kwiKing James, "kukuphi." Kufundeni kokwasekuqaleni, kuthi "kanjani." "Kukuphi" kusho into efanayo. "Nabhaphathizelwa kukuphi na?"

225 Bathi, "Sabhaphathizwa uJohane, indoda efanayo eyabhaphathiza uJesu." Lokho ukubhaphathiza okuhle. "Waphumela emanzini, ofanayo owabhaphathiza . . . uJohane."

226 Awu, uPawulu wathi, "Lokho ngeke kusasebenza. Lokho akusasizi ngalutho. Usevele ufikele, wabethelwa. Isizathu uJohane wabhaphathizela ekuphendukeni, hhayi ukuthethelelwa kwezono, ethi nifanele nikholwe kuYe ozayo, uJesu Kristu." Futhi lapho bekuzwa lokhu, baphumela emanzini futhi baphinde babhaphathizwa, eGameni likaJesu Kristu. UPawulu wabeka izandla zakhe phezu kwabo, uMoya oNgcwele wafika phezu kwabo. Baprofetha futhi bakhuluma ngezilimi. Kunjalo na? UPawulu waphoqelela abantu ababebhaphathizwe umuntu ofanayo owabhaphathiza uJesu, wabatshela ukuthi babezofanele baphinde babhaphathizwe, ngoba babengabhaphathizwanga eGameni leNkosi uJesu.

Nginelungelo lokusho into efanayo. YiMfundiso efanayo.

227 Manje, wathini uPawulu kwabaseGalathiya 1:8 na? Manje, wenza lokho. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiQiniso, thanini "amen"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi wathi, "Uma iNgelosi evela eZulwini," kungasaphathwa

umshumayeli ophuma esontweni noma ehlelweni! "Uma iNgelosi evela eZulwini iza futhi ishumayele noma yiliphi elinye ivangeli kunaLeli, mayibe ngeqalekisiweyo. Njengoba ngishilo phambilini, ngakho ngiyasho futhi, noma thina noma iNgelosi evela eZulwini ishumayele noma yiliphi elinye ivangeli kunaLeli esenivele nilizwile." Niyabona lapho inkumbi isivele yaKudla kwashona phansi na? Niyabo? "Kodwa uma i—iNgelosi ishumayela noma yini enye kunaloko Lokhu okuyikho, mayibe kini ngeqalekisiwe." Kunjalo. Mayibe ngeqalekisiwe. Ningalokothi ngisho niyinake.

228 Futhi uma umelusi, uma isithunywa senkolo, uma u—umvangeli, noma ubani, ezama ukuniphoqelela ukuba nibhaphathizwe nganoma iyiphi enye indlela ngaphandle kweGama likaJesu Kristu, mangisho noPawulu, "Makabe ngoqalekisiweyo." Uma noma yimuphi umuntu ekutshela, "Xhawulana nomshumayeli futhi uzokwemukela uMoya oNgcwele," makabe ngoqalekisiweyo. Ngokuba, uMoya oNgcwele ungukuZalwa. BaWufuna ngokuzazi.

229 Noma ngubani uyazi, ngakusho phambilini, ukuzala kungamahlaphahlapha, angikhathali ukuthi kukuphi. Uma ukuzala kusenqolobaneni, kungamahlaphahlapha. Uma kusendlini, kungamahlaphahlapha. Uma kusesibhedlela, lweliphiki, igumbi elihlotshisiwe, kungamahlaphahlapha. Ukuzala kuhlala kungamahlaphahlapha.

230 Futhi ukuZalwa kabusha akusilele ngalutho. Kungamahlaphahlapha; ukumemeza nokukhala kakhulu, ukubhonga nje, izindebe ezingingizayo, nazo zonke izinhlobo ziqhubeka. Kungamahlaphahlapha, kodwa kuletha ukuPhila. Indlela kuphela ongakwenza ngayo.

231 Ungakuthathi ukuxhawulana, noma ukufaka igama lakho ebandleni elithile, khuphuka futhi uthi, "Ngiyakholelwa kuNkulunkulu uBaba uSomandla, uMdali amazulu nomhlaba; noJesu Kristu, iNdodana; ibandla eliRoma Katolika elingcwele; nokudlelana kwabangcwele." Uma nikwenza, niyafakaza ukuthi ningabakhonza imimoya.

232 Noma yini exoxisana nabafileyo, angikhathali ukuthi kuyini, ngudeveli. "Munye kuphela uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, lowo uMuntu uJesu Kristu." Futhi Akafile, kodwa Uyaphila. Futhi Ulapha manje; Wavuka kwabafileyo. Bonke abanye abangcwele beKatolika nabangcwele beProtestani, nanoma yini enye, ufile futhi usethuneni. Bangahle babe seNkazimulweni. Uma babengabangcwele, baLapho. Anginandaba ukuthi ukuphi bakuphi, uma uxoxa nabo, ngokoqobo weqa imithetho kaNkulunkulu futhi uhamba ngodeveli. Akusiye ongcwele. Impela. IBhayibheli lasho njalo.

233 Isibotho sanqampuna lokho, futhi, kodwa uNkulunkulu uyokubuyisela emuva koweqiniso, uMoya kaNkulunkulu ophilayo ongaxhumani noJuda oNgcwele, noNgcwele *Lona*, noNgcwele *Lowo*, noCecelia oNgcwele, nabo bonke laba abanye, nabanye balaba abangcwele. Kuzoba uMoya kaJesu Kristu ozobuya futhi azibonakalise qobo lwaKhe futhi enze yona impela into efanayo. "Ngizobuyisela, kusho iNkosi." Futhi ngibonga uNkulunkulu, namhlanje, phezu kwegatsha leBandla phezulu lapha, kukhona ukuPhila okuncane okuthi nyelele phezulu kwedlule Lapho. Kubonakalisa Yena uqobo. UNkulunkulu uzobuyisela iBandla eligcwele libuyele emumweni waLo okahle futhi, ngaphambi kokuFika kweNkosi.

234 Nkosi Jesu, inkonzo ingeyaKho. Ngibophelezekile kuphela ngeZwi, ukuLishumayela. Manje sekwenziwe. Kusezandleni zaKho, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi eGameni likaKristu, ukuthi Uzokwamukela lezizinto, futhi ekukhanyeni kwaLo elishunyayelwe kukho, Nkosi. Kwangathi, uma noma yimuphi unembeza ulimele, kwangathi ungaphulukiswa yiBhalisamu lwakwaGileyadi. Kwangathi labo, Nkosi, abahlezi lapha abafafaziwe, bathelwa, noma bacwiliswa konkulunkulu abathathu, mababone iphutha labo, Nkosi. Nginga... akukhathaleki ukuthi ngishumayele kangakanani.

235 Ngenkathi Ushumayelile futhi wenza into efanayo, futhi nokho amehlo abo ayephuphuthekile. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi." Futhi nakuba Ushumayelile futhi wenza izimangaliso, futhi wakufakazisa ukuthi WawunguMesiya, nokho abakukholwanga, ngoba u-Isaya washo ukuthi bayoba ngaleyondlela.

236 Futhi ngingahle ngenezele lokhu, ukuthi, namhlanje, nakuba Wenze izinto eziningi kakhulu, Ukhiphe iZwi laKho leqiniso, waLibuyisela emuva esisekelweni sabaphostoli, waLibeka phansi enselelweni, lelo YiQiniso, futhi khona-ke Ubuyela emuva ngqo emva kwaLo futhi wenza uhlobo olufanayo lwezimangaliso Owazenza ngenkathi Wawulapha emhlabeni. Yini eyenzekayo na? Abakwazi. Ngoba, uPawulu washo, ngoMoya (njengoba u-Isaya asho), "Bazoba abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi, abangazithibi, abangenabumnene, nabangathandi abalungileyo; abanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla bewaphika. Labo wobagwema."

237 Nkosi, ngiyakhuleka namhlanje ukuthi Uzozibonakalisa qobo lwaKho futhi—futhi wenze elaKho—wenze iZwi laKho liphile phakathi kwethu njengamanje. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Uma Uzokwenza, Nkosi, bonke bazokholwa. Sizohamba sisuka kulelitabernakele kulokhu ukusa, sikholwa ukuthi umphefumulo wethu ukhululiwe, uma nje Uzo (kholwa)

kuthumele kubo, Nkosi, futhi ukhulume kuyo yonke inhliziyo, ngenkathi sisabheke ukubona okufihlakeleyo kwaKho.

Makuthi uMoya oNgcwele, ukuPhila kukaNkulunkulu kweqiniso, kuze kulengxenye encane yegatsha esele. O Nkosi, ikhuthaze ngoMoya waKho. Kwangathi ku. . . Kuyafakaza, Nkosi. Kuyafakaza, iZwi laKho liqinisile. Wonke umuntu ungumqambimanga; Wena uyiQiniso. Akukhathaleki ukuthi bangaki omelanayo; kuthatha ubufel'ukholo, kuthatha ukuxoshwa, kuthatha ukuba nemikhankaso, ukuya lapho okufanele uthathe indoda eyodwa nje futhi ume phezulu. . . Labobantwana bakaNkulunkulu abampofu, bazophuma, noma kanjani, kungakhathaleki. Bazokuza, noma kanjani, ukuzozwa.

238 "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela." IPhimbo laKho, indlela eLabiza ngayo izimvu zaKho okokuqala, Liyabiza futhi. Futhi umfokazi angeke zimlandele. Uma iPhimbo laKho, elibiza izimvu zaKho, wathi, "Phendukani, nonke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu," izimvu zaKho ziLizwile. Izimvu zaKho zizwa into efanayo namuhla. Uma oyedwa ethi, "O, leyo—leyo yinto yomphikukristu. Bhaphathizwani, egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,'" umfokazi angeke bamlandele. Bazolazi iPhimbo lwaKho. Bazobheka imisebenzi yaKho. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha konke. IPhimbo laKho likhulumile, kwangathi imisebenzi yaKho ingalandela. EGameni likaJesu. Amen.

[Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. UMfowethu Branham uyama—Umhl.] Manje, mngani, uMoya oNgcwele uyahambahamba.

239 Manje ngizofulathela lesi izethameli. Manje, angifuni nina bantu enilapha kulelitabernakele; kungcono ngibuke ndlela. Angifuni noma yimuphi wabantu betabernakele; ngifuna nina ongakaze ube lapha phambilini, noma uyazi ukuthi angikwazi. Abantu bangaphandle kwedolobha, phakamisani izandla zenu futhi, lapho engingabona lapho enikhona, nina enigulayo. UMoya oNgcwele mawuhambahambe manje. Manje, kinina bantu, anginazi.

240 Ninawo amakhadi omkhuleko na? Ngabe balikhiphile noma yiliphi lomkhuleko. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . bathintekile.

241 Futhi makuthi Yena akwenze okungenani kabili. IBhayibheli lathi, "Emlonyeni wo. . ." Bangaki ofakazi na? "Ababili noma abathathu." Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ofakazi ababili noma abathathu, makuthi lonke izwi liqiniswe." Thatha okungenani ababili noma abathathu bakho, khona-ke nonke nina abanye kholwani. Noma ngabe yini eniyidingayo, kukholweni khona manje.

242 Nizokwenza, uma Ezokwenza na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizo—ngizo—ngizokuthatha ngokukholwa, phakamisani nje isandla senu." Nizokwenza na? Phakamisani izandla zenu, wonke umuntu phakathi lapha. Bangaki phakathi lapha abathi, "Angikaze ngikubone phambilini. Ngizokuthatha ngokukholwa, futhi"? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokuthatha ngokukholwa." Bukani lapha.

243 Manje niyabona lapho ngimi khona na? Kunenselelo lapha. Manje, uma EnguNkulunkulu, Uzozibonakalisa Yena uqobo. Uma lokhu kungesilo iQiniso, khona-ke ngingumqambimanga nomprofethi wamanga. Anifanele niphinde nize nizongizwa, ngoba ngingumprofethi wamanga; nginikeza ubufakazi obungalungile ngoKristu. Angeke ukwenze futhi ufakazise ukufundisa engikade . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

244 Woza. Uvela lapha, etabernakele, awunjalo, nenekazi na? Wena ohlezi lapho uphakamise isandla sakho, ofake isigqoko esincane esimhlophe. Ya. Ungowalapha. [UMfowethu Branham uyama—Umhl.] Niyabo, uma ngibona lokho lapho, abantu badonsa lowo mbono. NgiyaKubona kumi phezu kwabo ngqo.

245 Kodwa ngilinde umuntu engingamazi. [Mfowethu Branham uyama—Umhl.] Lapha, uvela ezansi etabernakele lapha, nenekazi eliphakamise iduku lakho ka *njena*, uhlezi khona lapha na? Ngabe usuka . . . Wena, u—uvela ngaphandle kwedolobha na? Sukuma ume ngezinyawo zakho umzuzu. Ngenkathi usahlezi lapho, ukhuleka, kubekhona ukuzwa okuthile okungajwayelekile okufika phezu kwakho, khona manjalo. Leyo bekuyiNgelosi yeNkosi. Manje Imile ngakuwe ngqo manje. Manje kukhona okuthile, ukuthi uMthintile. Angazi ukuthi kuyini. Kodwa uvela ngaphandle kwedolobha. Kungahle ukuba uvela eLouisville, noma eTennessee, noma kuphi lapho ongahle ube khona. Angazi. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Kodwa uma Ezokwembula kimi lokho wena . . . imfihlo yenhliziyo yakho, enze saziwe isifiso sakho—sakho, noma okunye okuthize, uzokukholwa, wemukela iZwi, wenza yonke into njengoba . . .

246 Manje nonke nina bantu, bukani owesifazane ngqo, nizobona. Manje makuthi uMoya oNgcwele, uma UsenguMoya oNgcwele, Makakwembule. Ungesabi. UnguNkulunkulu. Uyaligcina iZwi laKhe, lonke iZwi.

247 Owesifazane uphethwe ukwahluleka, uguliswa isimo sokwethuka. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Unenkathazo yenhliziyo, futhi. Leyo inhliziyo eguliswa ukwethuka. Kuyakulimaza kakhulu uma ulele phansi, kukufuthela kakhulu. Ube nokuhlinzwa. Lokho kuhlinzwa akukapholi okwamanje. Kunjalo. Akunjalo na? Qhabo, awusuki e-Ohio . . . Usuka e-Ohio. Usuka e-Ohio. Yebo, mnumzane. Unomthwalo enhliziyweni yakho. Yintombazane ethize, noma okuthize. Yindodakazi,

ilahlekile. Lowo ngu ISHO KANJE NKOSI. Hamba, wemukele lokho okucelile, nenekazi. Uthinte Okuthize. Uyakholwa na?

Ubani omunye obephakamise izandla zabo [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] phakathi lapha na?

248 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela imfihlo yenhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu ofanayo ebengikade ngishumayela ngaye namhlanje ekuseni na? Unethunzi elimnyama phezu kwakho, ngumdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uyakholwa na? Kulungile, mnumzane, khona-ke ungabuyela emuva e-Ohio lapho ovela khona, eLebanon, buyela emuva futhi uphile, ukholwa yiNkosi uJesu Kristu. Hamba, ukholwe.

249 Leli nenekazi elincane elihlezi khona lapha, uhlobo lwe . . . Unohlobo oluthile lwesikhumba esilumayo. Sukuma, s'thandwa. Uyakholwa na? Kuthe ukukwethusa kancanyanyana, akwenzanga na? Kulungile. Ngu . . . Uzokwedlula kukho. Uzoba kahle. Ngiyakubona, kamuva. Buyela ekhaya, uphile.

250 Bekungubani lowo muntu osukumile emizuzwini embalwa edlule na? Indoda ethile emuva lapho isukumile, ndawo ndawo. Wena ophakamise isandla sakho, yima ngezinyawo zakho. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uyakwemukela na? [UMfowethu Branham uyama—Umhl.] Uyakholwa ukuthi lelo qhubu lizosuka entanyeni yakho na? Umkakho ehlezi lapho ngakuwe, uhlushwa yisimo sokuguliswa yimizwa. Kunjalo, futhi. Nonke nivela e-Ohio. Beka isandla sakho phezu kwakhe lapho, mfowethu.

251 Nkosi, kwangathi bangaphulukiswa, babuyele emuva emakhaya abo, bathokoza futhi benziwe baphile, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

252 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . omunye oseduze kwakho. Thatha iZwi lami; ngikutshela iZwi likaNkulunkulu. UyaLikholwa manje na? Bonke labo abakholwayo, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."] IZwi selibonakalisiwe. YiQiniso.

Manje khothamisani amakhanda enu.

253 Nkosi, ngiza kuWe eGameni likaJesu, ngikhulekela laba bantu. Sekuleyithi, Nkosi. Futhi isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. UkuFika kweNkosi, sekuseduze. Sikhulekela ukuthi umusa waKho uzokwandiswa. Banikeze, Nkosi, ukuphulukiswa kwabo. Manje ngiyamlahla udeveli, ngokuKhanya kweZwi likaNkulunkulu; ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu ulungile . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org